# *Kuyini Lokhu Okusesandleni Sakho Na?*

(Ngiyabonga ngomusa omkhulu, mfowethu. Ngabe lokhu kufanele kube umqhele wami wezimbali na? Ngiyabonga.)

2 Sanibonani kusihlwa, bangane. Ngiyajabula ukuba lapha kulobubusuku futhi ngijabule kakhulu ukuthi siyakwazi ukuphuma. Sibonga iNkosi elungile ngezinkonzo zaYo ezimangalisayo izolo ebusuku. Ukuzwa . . . Kungokokuqala ngqa ukuthi ngithole ithuba lokungena phakathi kwabantu uku—ukushumayela kubo kanjalo isikhathi eside nokubakhonzisa.

3 Futhi izolo kusihlwa, lapho ngiphuma, umfana ushilo kimi, washo, abathandi ukuba ngibe nalolohlobo lomhlangano ukuba ngehle ngibeke izandla phezu kwabantu; bacabanga nje ukuthi mhlawumbe . . . Bathe uma kubizwa emsamo kuhlale kuyikhulu lamaphesente. Basebethi, "Uthatha nje izwi labantu kukho, ngaleyonkathi."

Ngithe, "Awu, banokukholwa, bayakholwa."

4 Futhi ngenkathi ngehla phakathi kwezihlalo ezinamasondo, ngicabange ukuthi bekunguBilly ehamba phambi kwami. Futhi kwenzekile ngiphendukele emaceleni ukuba ngibuke: bekungesuye uBilly, bekunguYe. Kwase kuthi-ke lapho ngibuyela phezulu, khona-ke iNkosi iqala ukuprofetha, yayisithi, "Kuzoba nabanye ezihlalweni ezinamasondo ozohamba adabule ezethamelini; abanye baphume."

Umfana uthe, "Ngabe lokho kuzokwenzeka na?"

5 Ngithe, "Wena nje bheka ubone." Futhi lapho izolo ebusuku . . . Kunjalo. Labo ngabantu abahlanu abakhubazekile abaphuma ezihlalweni ezinamasondo kuleliviki. Kuyamangalisa lokho iNkosi yethu ekwenzayo. Ngikholwa ukuthi Izohamba kahle kakhulu . . . ngaphezu kwalokho kulobubusuku, anicabangi kanjalo na? Siyakholwa ukuthi Izokwenza.

6 Manje, kusasa ebusuku, kungukuvalwa kwalenkonzo . . . Niye nalunga kakhulu kithi, futhi niyaphuma futhi nihlale esimweni sezulu lapho kupholile futhi lina. Futhi nibe bahle kakhulu, kakhulu, futhi sizohlale sinikhumbula. Futhi ngike ngaba nokuthi ukushikashikeka okuncane oku . . . Wena . . . Into enhle benikahle, ngoba akujwayelekile ukuthi ngikhulume kubantu kanje noma ngishumayele, bese-ke ngenza ukubizela e-altare nokunye nokunye.

7 UMfowethu Moore ngesizathu esithize akavelanga, noMfowethu Arganbright akavelanga, kodwa uMfowethu

Thom ovela eNingizimu Afrika, mayibusiswe inhliziyo yakhe, ubendawana thize lapha, ngimuzwile ethi, "Amen," esikhashaneni esedlule. Nangu ebuya. Futhi lokho beku . . .

8 Lokho bekungeke kwenzeke ukuthi kube ngumfanyana owaqanjwa ngoWilliam Branham na? Awu, he. Ngikubone okokuqala, ndodana. Wena ungumfana okahle. Ngilindele ukukubona lapha endlini yami maduze nje manje. Niyabo? Awu, lokho kuhle kakhulu. Ngiyazi ukuthi nonke niyakujabulela ukukhuluma kukaMfowethu Thom. Cishe uzobe ekwelinye ibandla lapha kusasa.

9 UMfowethu Beeler ohlezi lapha, mhlawumbe uzobe eshumayela ndawondawo ekuseni futhi. Abanye abafana lapha, ngiqagele bakleliswe kwamanye amabandla.

10 Manje, nina enilapha nasenkonzweni, izivakashi ezikanye nathi, ngani, nina—nina tholani ibandla elithize elihle futhi niye ebandleni ekuseni. Bonke lababefundisi lapha, bamele lamabandla eVangeli eligcwele e-Atla- . . . , noma, eMacon lapha. Futhi bangajabula ukuba nani ebandleni labo.

11 Futhi angikwazanga ngisho nokuhlangana nanoma yimuphi wabafowethu ngaphandle kukaMfowethu Palmer omncane lapha. Ngingahle ukuba ngixhawule izandla ezithi azibe zimbili zabazalwane. Kodwa uma bonke benjengoMfowethu Palmer, bangabantu abakahle, ngiyanitshela lokho, bakahle ngempela, abazalwane abakahle nje.

12 Futhi manje, sethemba ukuthi kusasa kuzoba nezinkonzo ezinhle kulolonke . . . ezweni lonke. Yima esikhundleni somsebenzi wakho kusasa; manje, kusasa ekuseni yana kuSonto sikole. Futhi ake sibone, ngiqagele kusasa ntambama izinkonzo zilapha. (Kunjalo na? Kusasa ntambama na? Kusasa ebusuku na? Awu, bakushintshile kuze . . . ) Khona-ke inkonzo . . . (Usuvele ukumezele, ngiqagele? Kulungile.) Izinkonzo zilapha kusasa ebusuku. Kulungile. Manje, iNkosi mayibusiswe umkhuleko wethu oqotho.

Manje, ngendaba nje ukuzindla isikhashanyana. Futhi sifuna ukuphinda sisho futhi: sibonga iNkosi ethandekayo kakhulu kakhulu ngakho konke Eyakwenza.

13 Manje, ngiyakholwa ukuthi kunoma yimuphi umhlangano waseMelika walezinsuku eziningi, ngabantu abakhubazekile abahlanu abaphilisiwe emhlanganeweni owodwa vo, ngikholwa ukuthi lokho nje kuthi akube nje—akube nje kukhulu njengoba iNkosi isenzele khona kuwo wonke lonyaka. Futhi manje, e-Afrika, noma kwamanye amazwe, eNdiya, noma okuthize ngalolohlelo, kwehlukile. Kodwa lapha eMelika, ngoba kunezinkonzo eziningi edlulayo, nento eyodwa, asihlali neze ubusuku obuyishumi, sivame nje ukuba lapho noma kuphi kusukela webusukwini obuthathu kuya kobuhlanu bese-ke sihamba. Ngakho ngisho lokho nje, kulokho, ningahle nibone

futhi nazi ukuthi ngikholwa ukuthi ninokukholwa okukhulu, futhi ngijabule kakhulu.

14 Abaningi babantu bathi kade befakaza. UMfowethu Wood nanye nabo ubengitshela namuhla ngabantu befakaza, nazo zonke izinhlobo zezifo nakho konke, uphulukisiwe. Futhi abaningana ohlakeni, angikholwa ukuthi sinalo ngaphandle kohlaka olulodwa lapha kulobubusuku. UNkulunkulu uvele wasusa udaba lohlaka nakho konke. Akumangalisi lokho na?

15 Uthi, futhi konje, izolo kusihlwa, ngenkathi ngiza emsamo, mayelana noyedwa wokuqala okhuphukayo bekuwu—wudaba oludabukisayo. Ngiqaphelile ngobusuku obumbalwa obedlule inenekazi lihlezi nengane encane enekhanda elimanzi, futhi lokho akulukho okungenziwa ngalokho ngendlela yocwaningo lwezokwelapha, kukhona okocwaningo lwesayensi ukusiza abafo abancane. Abakwazi nhlobo ukuzisiza. Nomama omncane ompofu ekhathalele kakhulu, equkula umfo omncane ubusuku nobusuku, futhi yena ekhala. Ngaqhubeka nobheka into encane, futhi ngingabona ukuthi inkathazo yayiyini. Futhi kaningi imibono ikhuluma; angisho ngisho lutho ngakho.

16 Umfo usanda kungifonela ocingweni emizuzwini embalwa edlule, futhi ngihlangana naye e—endaweni othenga udlele kuyo ngobunye ubusuku, futhi lapho iNkosi yangitshela ukuthi yini eyayingalungile ngaye. Wangibiza, wathi, "Uyazi, selokhu ube . . . ngikubonile," wathi, "ngisanda kuba ngcono kakhulu." Ngamtshela ukuthi yini eyayingalungile; wathi ukucishe aquleke. Niyazi . . . Futhi ngakho yena . . . Yilokho-ke. Ufanele nje ubhekisise; uyabona nje ukuthi kuzokwenzeka noma kanjani. Ngakho, akusikho okuningi kakhulu noma ngabe bazi noma yini ngakho, inqobo nje uma wazi . . . phakathi . . . ukuthi uNkulunkulu uthe kuzolunga. Ngakho lokho—lokho kuyakuxazulula, niyabo. Akusiwo umcabango wokuthi sifuna abantu bazi, inqobo nje uma uNkulunkulu ekusho, awu, amen, kuyeke nje kuhambe, futhi uma ucabanga ukuthi ukukhuthazela okuncane bekungabasiza, khona-ke ngokuvamile usho okuthile.

17 Kodwa lengane encane iza inqamula emsamo, ikhanda elinamanzi elikhulu kakhulu, yencike kompofu, omncane, umama okhathele. Futhi lapho ngibeka izandla kulowomntwana, ngabona lokho kuKhanya kuzungeza ngasekhanda lomntwana, futhi ngi—ngangazi ukuthi kukhona okwakuzokwenzeka. Ngakho ngacela umama uma ezoyisa ingane ekhaya. Futhi ngangazi kwenzeka okuthile kuyo ngaleyonkathi, ukuba nganginento ethize eyayikufakazisa kumama. Kodwa ngamtshela, ngathi, "Yisa ingane ekhaya." Futhi uhlala ngaphandle kwedolobha; ngiyakholwa Kwamtshela, ndawo ndawo, cishe amamayela ayikhulu. Uhamba cishe amamayela angamakhulu amabili ebusuku ukuletha ingane.

18 Futhi lapho efika ekhaya, ngathi, “Beka intambo encane izungeze ikhanda layo bese ukala intambo, bese-ke unqamula leyontambo; bese-ke ufaka intambo uyizungelise ngqo futhi ngobusuku obulandelayo, kusasa ebusuku, bese ungilethela uphisi wentambo ukuthi ikhanda lengane lishwabane kangakanani.” Ku twe-. . .futhi lokhu kuzoba cishe amahora ayishumi nesishiyagalombili noma amashumi amabili, futhi nansi intambo engaba yi-intshi nengxenye yentambo, ikhanda lengane lishwabane phakathi cishe kwamahora ayishumi nesishiyagalombili. Angazi noma umama ulapha noma yikuphi nengane kulobubusuku ne. . .O usevele. . .Nangu umama ulapha. Kunjalo, kulungile. UNkulunkulu akubusise, dade.

19 Manje, isizathu ngenze lokho, Dadewethu, bekuyilokhu: ukuze ukhuthazeke. Ngikhulekele izinto eziningi engi—ngi—ngingazange ngizithole, kodwa angikholwa, njengaphambi koMenzi wethu kulobubusuku, nanini ngobuqotho, ngicele uNkulunkulu noma yini ngobuqotho kanjalo, ngaphandle uma Enginika khona noma engitshela ukuthi kungani Engazange. Niyabo?

20 Manje, lelo yintshi nengxenye yalokho okuncane, lelo khanda lengane lishwabene phakathi cishe kwamahora ayishumi nesishiyagalombili noma angamashumi amabili, lokho okokukukhuthaza. Uyabo? Manje, qhubeka nje ukholwa. Niyabo? Manje, kuzo—kuzokwenza kanjalo cishe amahora angamashumi ayisikhombisa nambili. Khona-ke uzoqaphela, qhubeka nokunquma intambo yakho. Kuzoma; kungahle kuye ngokuba kubi kakhulu okwesikhashana. Akunandaba ukuthi kwenzekani, qhubeka nje ukholwa. Uyabo? Futhi inqobo nje uma uzogcina ukukholwa kwakho. . .

21 Manje khumbula, nxa umoya ongcolileyo uphumile kumuntu, uhamba ezindaweni ezomile futhi ubuyele emuva futhi neminye imimoya eyisikhombisa emibi kakhulu kunakuqala; futhi uma kungenzeka, izongena futhi ithathe izintambo, futhi isimo sizoba sibi kakhulu. Kodwa uma indoda elungile yendlu ingekho lapho, okuwukukholwa kwenu, ukuba ikuqhelise. . .Ungakulwisi nje. Kuzophindisela kulwe nawe. Vele wenqabe; vele ukuzibe. Yilokho kuphela. Qhubeka nje. Vele uthi sekuphelile; lokho kukuxazula unomphelo. Futhi ingane yakho izolulama. Manje, iNkosi inibusise.

22 Manje, kulobubusuku. . .Ngiyalithanda nje iZwi. Anilithandi iZwi na? “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi.” Ngifuna nje ukufunda indikimba encane lapha kulobubusuku, okwengqikithi encane, futhi sifuna ukukufunda ku-Eksodusi isahluko se 4, uma iNkosi ithanda, futhi siqale ngevesi le 2. Sizofunda mhlasimbe ivesi le 2 futhi mhlawumbe ingxenye yele 3.

*Yayisithi kuye iNkosi, Kuyini lokhu okusesandleni sakho na? Wathi, Yinduku.*

*Khona yathi, Yiphonse phansi. Wayeseyiphonsa phansi, yaphenduka inyoka; uMose wayibalekela.*

*Yayisithi iNkosi kuMose, Yelula isandla sakho, uyibambe ngomsila. Waselula isandla sakhe, wayibamba* ngomsila*, yaphenduka induku esandleni sakhe:*

23 Manje, singakhothamisa amakhanda ethu okomzuzwana nje senzele izwi lomkhuleko sisakhuluma noMqalisi wa*Lokhu*, bese-ke sikhulekela lamaduku lapha na?

24 Baba wethu waseZulwini onomusa, sibonga kakhulu ukuthi sibuthane lapha futhi kulobubusuku ngaphansi kompheme walesi sibhakabhaka, ukubheka phezulu emaZulwini lapho usizo lwethu luvela khona; usizo lwethu luvela eNkosini. Sijabula kakhulu ukwazi ukuthi Iyaphila futhi iyabusa namuhla futhi ayilishiyanga ibandla laYo ngaphandle kobufakazi bokuvuka kwaYo.

25 Futhi sibonga kakhulu kulobubusuku ukuthi thina, njengabantwana bakwa-Israyeli, sizokhuluma ngokuthi, uma kuyintando yaKho, emizuzwaneni embalwa, badlula kanjani ngaphansi kwemithwalo yabo, futhi babheka ebhokisini likaJosefa, futhi wabona lawomathambo elele lapho, bazi ukuthi uNkulunkulu wayethembisile ngomprofethi ukuthi ngelinye ilanga ayeyophuma. Futhi kulobubusuku njengesifaniso sikaJosefa, iNkosana yempumelelo, iNkosi uJesu yavuka kwabafileyo futhi iyaphila kulobubusuku lapha phakathi kwethu njengobufakazi bobuNkulunkulu ukuthi ngelinye ilanga sizophuma, siphume kulelizwe lenkathazo nesono, nalapho uSathane nawo wonke amandla akhe ekhona; futhi sizokhululeka kuye kuze kube phakade.

26 Manje, Nkosi, njengoba sizindla ngalamazwi, sengathi uMoya oNgcwele ungeza, ungene eZwini, futhi kwangathi UngaLihlukanisa kuyo yonke inhliziyo, njengoba nje sinesidingo kulobubusuku. Futhi kwangathi singasho, njengalabo ababevela e-Emawuse, ngenkathi Ehlephula isinkwa futhi wenza okuthize okuthe ukwehluka kancane kunalokho umfundisi ojwayelekile akwenza ngalolosuku . . . Wakwenza ngendlela yokuthi Yena yedwa wayengakwenza. Futhi, Baba, siyakhuleka kulobubusuku ukuthi Uzokwenza okuthize kokungajwayelekile ukuthi asiboni nsuku zonke kuzo zonke izinkonzo zenkolo. Ukuthi nje abantu bangahle bazi ukuthi leyoNkosi uJesu efanayo iyaphila kwabafileyo kulobubusuku, ihamba ingena futhi izungeza phakathi kwabantu, yenza izinto ezifanayo Eyazenza ngaleyonkathi. Siphe khona, Baba.

27 Lamaduku abekwe lapha, amele abampofu, abancane, abantwana abagulayo, obaba, omama, abantu abaningi belele

ngaphandle, begula, ngenxa yezifo nokucindezela kukadeveli. Futhi, Baba, nezandla zibekwe phezu kwabo ngomkhuleko, yonke inhliziyo yami, Ngiyakhuleka ukuthi Uzongizwa, Nkosi, futhi wazi ubuqotho benhliziyo yami, njengoba sikhuza yonke imimoya engcolile, wonke amandla amademoni abopha abantu ukuthi lamaduku azobekwa kubo. Futhi lapho lamaduku ebekwa phezu kwabo, sengathi bangakhululwa, Nkosi, futhi bahambe ngendlela yabo bethokoza, futhi uSathane aboshwe futhi alahlwe ebumnyameni obungaphandle. Siphe khona, Baba. Sisize manje engxenyeni ekude yalenkonzo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

28 Manje, njengoba sizindla imizuzwana embalwa nje lapha ngeZwi leNkosi, ngethemba ukuthi wonke umuntu uzovele nje. . . Ngizozama ukusheshisa, ngakho, ngiyazi ukuthi umoya uvunguza ngokupholile kancane nakubantu abagulayo, futhi ngizozama ukusheshisa. Futhi mhlawumbe kusasa ebusuku kuzofudumala kancane futhi sizohlala kade kancane nje.

29 Ngolunye usuku ngiphuma ngibheka phezulu, uMnu. Wood nami sasigibele sehla ngomgwaqo futhi ngibone labo balimi abampofu nommbila wabo ususongiwe nje (ngangivame ukulima kancane, futhi.), namakhabe nakho konke, ukotini woma. Ngaya ekhaya, futhi ngathi, "Nkulunkulu othandekayo, ngiyazi sinenkonzo yasesidlangalaleni, kodwa ngicela uthumelele labobantu imvula, ngoba bayidinga ngempela imvula." Futhi ngacabanga nje ngokubusa kweNkosi uJesu, ukuthi Yayidedela kanjani imvula enkonzweni, yama ngenkathi sasisenenkonzo, futhi khona-ke ubanika ukuphuziswa okuhle izolo ebusuku; kungasekho lutho okwakulobubusuku. O, he. Umangalisa kanjani. Uyazi nje ukuthi kwenziwa kanjani, aKanjalo na? Futhi siyaMthanda nje kakhulu ngenxa yalokho. Ukufanele nje konke ukudunyiswa.

30 Manje, kulobubusuku, ngifuna ukukhuluma imizuzwana embalwa nje ngendaba ethi, *Kuyini Lokhu Okusesandleni Sakho Na?*

31 Manje, i. . . ingqikithi yethu kulobubusuku iphathelene noMose, indoda eyasetshenziswa nguNkulunkulu, emuva, ukukhulula abantwana bakwa-Israyeli ngaphansi kobugqila baseGibhithe. Futhi abantu abaningi, kulobubusuku, bakaNkulunkulu, bangaphansi kobugqili.

32 Ngiyabuka kuhlezi lapha, umama nomfana omncane, kubukeka sengathi mhlawumbe imilenze yakhe—yakhe emincane kungahle ukuba ikhubazekile noma okuthize. Ilele eduze kukamama wayo. Umfo omncane ohlezi lapha esihlalweni esinamasondo, ingane encane, mhlasimbe ubenovendle noma okuthize. Umlenze wakhe omncane wonke uboshwe ngezinsimbi.

33 Ngiqaphela intombazane encane ihlezi lapha inenekazi elihle elincane, libukeka lilapha ebutshitshini balo okwamanje, nobabayi odala osontekile ompofu esihlalweni esinamasondo, ka*njalo* nje. Lobo ubugqila. USathane ukwenzile lokho.

34 Nangu umfowethu oyikhaladi ehlezi lapha. Othile ehlezi eduze kwakhe, embambile futhi, noma, eduze kwakhe. Futhi nje buka ubugqili uSathane abufake kubantu.

35 Futhi uNkulunkulu ufana nje...ukuthanda ngokufanayo njengoba Athanda lawo maHeberu. Futhi ngenkathi... UNkulunkulu wathumela uMose ezansi lapho ngoba Wayethembisile ukuthi Wayezofika futhi abakhulule kulobobugqila.

36 Futhi uNkulunkulu wethembisile ngalolusuku lokugcina ukuthi Uyothumela uJesu Kristu, uMoya oNgcwele, phakathi kwethu futhi uyokhulula bonke abagulayo nabahluphekileyo. Ngokuba kulotshiwe, amaZwi okugcina Awasho ngaphambi kokushiya lomhlaba, Wathi, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo." Kude kangakanani na? Unyaka wabaphostoli na? Kuwo wonke umhlaba; iVangeli alikaze lifinyelele emhlabeni wonke okwamanje. "Yanini ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo futhi abhaphathizwe uyakusindiswa; kepha ongakholwayo uyakulahlwa. Futhi lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; ngeGama laMi bayokhipha amademoni; bakhulume ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka; noma baphuze okubulalayo akuyikubalimaza. Uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayosinda." Yilokho iBhayibheli elakusho.

37 UJesu, wemukelwa phezulu ewangena eZulwini; ukuthunywa kokugcina Ake akunika ibandla kwakungukuphulukisa abagulayo. Ukuthunywa kokuqala Ake akunika ibandla kwakungukuphulukisa abagulayo. Wakhetha abaKhe abangamashumi ayisikhombisa nabaKhe abayishumi nambili, wase ebathuma, futhi ubanika amandla okumelana nemimoya engcolile, ukuxosha amademoni, nokuphulukisa abagulayo, ukuthunywa kokuqala. Ukuthunywa kokugcina kwakungukuthi, hambani niye ezweni lonke futhi niphulukise abagulayo.

38 KulowomBhalo, ngazi ngezazi zezenkolo eziningi ezikuxoxile futhi zasho phakathi kwazo, ukuthi lowoMarku 16 lapho engangicaphuna khona, kusukela evesini le 9 kuqhubeke kwakungaphefumulelwe.

39 Kungikhumbuza, angikholwa ukuthi ipulpiti liyinoma iyiphi indawo yokusho ihlaya futhi angikholelwa emahlayeni; gcina ipulpiti lihlanzekile; amahlaya angawangaphandle lapho. Kodwa lokhu kwakungukucaphuna okuncane okwakuyiqiniso,

futhi kuzwakala sengathi kungase kube ihlaya, kodwa kwakungelona.

40 Kwakukhona umfo omncane engxenyeni yakithi yezwe, owayenobizo enkonzweni. Umama wakhe wayeyinenekazi elihle kakhulu elidala, futhi lamthumela le ekholiji ukuba abe ngumfundisi. Futhi ngenkathi esahambile, ngani, ekolishi nasekolishi lezenkolo, efunda ukuthi ashumayele kanjani nokunye nokunye, awu, i. . . umama wakhe wagula, wagula kakhulu; waba nenyumoniya. Futhi babiza udokotela, futhi wamnika, kusobala, konke ayengamnika khona. Futhi akakwazanga ukuthatha umjovo kazifo zonke; wawumgulisa. Ngakho wayemnika umuthi isulfa yakhe nezinye izinto ezengeziwe; futhi kwakungeke nje kubambe. Owesifazane, awu, amaphaphu akhe ayeseminyana ngokuphelele, futhi wayesesimweni esibi kakhulu. Ngakho benzela indodana yakhe ithelegramu futhi bayitshela ukuthi ilungele, ngoba babecabanga ukuthi umama wayo wayezofa ngaso lesosikhathi futhi babedingeka ukuba ba. . . babefuna ukuthi ize ekhaya. Yayikude ngamamayela amaningi.

41 Kodwa khona manjalo, ngani, kwakukhona inenekazi elincane elalihlala ezansi ekhoneni, lingelemishini yeFull Gospel, elalihlala ngasekhoneni elalikholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Ngakho lakhuphuka ukuyobona inenekazi elidala, futhi lathi, "Dadewethu," lathi, "umelusi wethu uyakholwa, futhi thina, ezansi ebandleni lethu, ukuthi uJesu wafa ukuphulukisa abantu abagulayo. Futhi uma ungebe nandaba, kungani ungavumeli umelusi wethu ukuba akhuphuke futhi akukhulekele na? Mhlawumbe uNkulunkulu angawuphendula umkhuleko wakhe futhi akuphulukise."

Wathi, "Lokho kungaba kuhle kakhulu. Mthumele akhuphuke." Ngakho owesifazane . . . indoda yakhuphuka, futhi yamkhulekela, futhi waphila.

42 Cishe emva konyaka, indodana yakhe yafika ekhaya, futhi babexoxa ngezinto emva komhlangano. Wathi, "Mama, kambe," wathi, "angikaze ngizwe nje lokho udokotela akunika khona okwakwenza ululame ngokushesha okukhulu, ngenkathi wawunenyumoniya, ngenkathi ngangilungele ukuza."

Wathi, "O, ndodana," wathi, "ngikhohliwe ukukutshela." Wathi, "Uyazi lapho leyomishini encane ikhona ezansi ekhoneni ezansi lapho na?"

Futhi wathi, "Yebo."

43 Wathi, "Uyazi, lelonenekazi lenyukela lapha futhi langitshela ukuba ngibe nomelusi walo akhuphuke futhi angikhulekele." Futhi wathi, "Uyazi, uyakhuphuka futhi ufunda isiqeshana eBhayibhelini . . . uMarku isahluko se 16, futhi wathi, 'Babeka izandla kwabagulayo, futhi bayakusinda.' Uyazi, iNkosi yangiphilisa ngaso lesosikhathi?"

44 "Ngani," wathi . . . umfana wathi, "manje lalela, mama," wathi, "manje, labobantu abafundile." Wathi, "Uyabo, abaqondi." Wathi, "Thina . . . " Wathi, "Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Wathi, "Ayikho into enjengaleyo eBhayibhelini." Wathi, "Lokho kwakusezinsukwini ezadlula." Wathi, "Manje, ekolishi lezenkolo, ngani, sifunde ukuthi uMarku 16, kusukela evesini le 9 kuqhubeke, akuphefumulelwe."

Umama omncane wathi, "Awu, Haleluya!"

Futhi wathi, "Mama. Ngani," wathi, "uziphathisa okwalabobantu."

Futhi wathi, "Awu, udumo kuNkulunkulu!"

Wathi, "Awu, mama, yini indaba ngawe na?"

45 Wathi, "Bengicabanga nje: uma iNkosi ibingangiphulukisa ngeZwi elingaphefumulelwe, yini ngempela Ebingakwenza nga*Lelo* elaliphefumulelwe ngempela na?" Uma leyongxenye ingaphefumulelwe? Ngakho kulungile. Ngikholwa ukuthi Lonke liphefumulelwe. Konke nokuncinyana kwaLo. Futhi Lonke ngelethu, konke nokuncinyana kungokwethu.

46 Asinasidingo noma ukuswela lutho. UNkulunkulu usihlinzekele yonke into esiyidingayo kuloluhambo. Ihlinzekelwe thina khona lapha. O, njalo . . . Noma nini lapho umuntu ezalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, iNkosi imnika ibhuku lesheke si- . . . kokwanele ukumenzela ohambweni lwakhe; futhi lonke ingaphansi lesheke, lanoma yisiphi isibusiso sokuhlenga, lisayiniwe, iGama lika *Jesu*. Vele uligcwalise bese ulithumela phakathi. Bona ukuthi Angeke yini akuhloniphe. Kunjalo. Vele—vele ulithumele lapho. Lona, amadiphozithi, isivele iphakathi lapho. Ladiphozithwa eKalvari: "Ngokuba Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu: isijeziso sokuthula kwethu phezu kwaYo; nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Konke kusayinwe eGazini laKhe. Kugcwele yonke indawo. Noma yikuphi . . . "Othandayo, makeze." Futhi kufakazelwe. Kufakazelwe lapha, ukuthi Uvukile kwabafileyo futhi Uyaphila phakathi kwethu kulobubusuku.

47 UnguMkhululi wethu thina esisebugqilini. Noma yimuphi umuntu osebugqilini, uJesu Kristu ulapha ukubakhulula kulobubusuku uma uzokukholwa. Manje, angikho lapha ukuzonikhulula, ngoba ngingekwenze. Angithunyelwanga ukukwenza. Ngathunyelwa ukushumayela iVangeli. Yilokho kuphela. UKristu uzela ukuzokhulula.

48 Manje, uMose, ngenkathi eseyingane nje ezelwe, nje . . . Kwakungukwesabisa okukhulu eGibhithe futhi babebulalala bonke abantwana besilisa. Futhi ngaso lesosikhathi uMose wazalwa, nomama, embona ukuthi ungumntwana olungile,

wayengesabi ngo—ngokwesabisa kukaFaro ngalokho ayekwenza ngabo bonke abantwana.

49 Manje, uma nizobona bangani, okokuqala nje, ngifuna nikutholisise lokhu, okokuqala, ukuthi iziphiwo nobizo kungaphandle kokuphenduka. Yilokho okubangela inkathazo. Niyabo? Ungazami ukulingisa noma yini; yiba yilokho nje oyikho eMbusweni kaNkulunkulu. Uma ungumunwe, yiba ngumunwe; uma uyikhala, yiba yikhala; iso, yiba yiso. Ngethemba ukuthi umunwe wami awusoze wanquma ukuthi ungabi umunwe, ngoba awulona iso. Impela kuzongenza ngingasebenzi isikhashana. Ngakho yileyondlela, sifanele sonke sithole izindawo zethu futhi siqhubeke. Kodwa lonke iqembu ndawonye linguMzimba weNkosi uJesu Kristu, akunandaba ukuthi kuyini.

50 Manje, kukhombisa ukuthi iziphiwo nobizo kungaphandle kokuphenduka. Bukani uJesu; WayeyiNzalo yowesifazane evela ensimini yase-Edene. Wazalwa eyiNdodana kaNkulunkulu. UMose, wayengumntwana olungile ngenkathi ezalwa, futhi ezalelwa ukuba ngumkhululi. Akakwazanga ukuzibamba ukuba umprofethi. UNkulunkulu wamenza lokho ekuzalweni kwakhe.

Bukani uJohane umBhaphathizi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, wayeyi “phimbo lomemeza ehlane.”

51 Bukani uJeremiya, uJeremiya 1:4, ngiyakholwa. UNkulunkulu watshela uJeremiya, wathi, “Ngakwazi, futhi—futhi ngakungcwelisa, futhi ngakugcoba umprofethi ezizweni, ungakakhulelwa ngisho esizalweni sikanyoko.” Manje, ufanele ukholelwe ekumiselweni ngaphambili nasekwazini-phakade, wena nje, kulapho.

52 “Iziphiwo nobizo kungaphandle kokuphenduka.” Yilokho uNkulunkulu akumisile ebandleni. Ngiyahluka kancane nabazalwane beLatter Rain lapho, kulokho kokubeka izandla, ukwamukelisa iziphiwo zokomoya. Ngikholwa ukuthi nithole lokho ngokungesikho. Niyabo? Kulungile lokho, asifuni ukuxabana ngakho, kodwa ngi—ngikholwa ukuthi ninephutha lapho. Niyabo?

53 UPawulu noThimothewu, baqonda ukuthi kunjalo, uThimothewu, ukuba abe ngumfundisi nendoda enesiphiwo. Senza into efanayo ebandleni leBaptisti nawo onke amanye, lapho sibona indoda enjalo, ukubeka izandla kuyo. Kodwa hhayi ukuyinika isiphiwo sokomoya, kodwa ukuyinika isandla sokunene senhlanganyelo nesibusiso kumfundisi onesiphiwo uNkulunkulu amuphe sona. Lokho—lowo ngumehluko nje, niyabo. Futhi ngakho uma uzama ukumnika isiphiwo, yilokho umuntu akwenzayo, niyabo, futhi akusoze kwasebenza. Impela akukaze kuphumelele, futhi angicabangi ukuthi kuyoke kuphumelele.

54 Manje, kodwa lapho uNkulunkulu enza noma yini, kwehlukile. UMose waqonda ukuthi wayenguMose. UNkulunkulu, ukuthi Wamlondoloza kanjani futhi wamnakekela. Kwase kuthi-ke lapho esekhulile, wacabanga ukuthi abantu ngempela bayoqonda, babe nomqondo wokomoya ukuba baqonde.

55 Manje, kunephuzu engifisa sengathi ngabe besinesikhathi, bekungagodolisi kangako, ukuhlala kulo isikhashana nje: Abantu bayehluleka ukuqonda, kakhulu impela! Futhi lapho ebulala umGibhithe, ecabanga ukuthi abantu bayoqonda, abantu bakubo uqobo, lowo athunyelwa ukubakhulula, kodwa, abaqondanga. Manje . . .

56 Siyathola-ke, ukuthi wabalekela ezweni lakwaMidiyani. Futhi lapho waganwa intombazane engumTopiya egama linguZipora. UMose, ekuqaleni, wayenolaka olukhulu ngempela. Siyakwazi lokho. UNkulunkulu wadingeka alukhiphe kuye. Ngakho-ke thina . . . washada nalentombazane futhi uba inceku kumkhwe-wakhe, elusa izimvu emuva kwingemuva logwadule.

57 Ngolunye usuku, sengiyabona nje, ngibona lelikhehla manje elineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Wayenabantwana ababili azalelwa bona enhla lapho. Futhi nangu ehla, manje, eluse izimvu, umelusi wezimvu nje, indoda phandle . . . waphuma entandweni kaNkulunkulu, futhi wabulala umuntu, futhi emuva laphaya, manje, njengomalusi wezimvu.

58 Kodwa uma uNkulunkulu anquma ngaphambili noma yini, iqinisekile impela nje ukuthi izofezeka, njengoba uNkulunkulu eseZulwini. Ngakho kuzokwenzeka noma kanjani. Akukho lutho ezweni olungavimba uJesu Kristu ukuthi abuye okwesibili. UNkulunkulu ukumisele ukuba kube njalo. Ayikho indlela ezweni engake imise umlayezo wokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ungakulwa ngendlela ofuna ngayo, kodwa uNkulunkulu ukumisile ukuthi kufanele kuphume, futhi kuyaphuma. Kunjalo. Akunandaba, omunye umuntu . . . "UNkulunkulu ungamvusela u-Abrahama abantwana kulamatshe." Ngakho into engcono kunakho konke ongayenza ukuhlanganyela nohlelo lukaNkulunkulu futhi simashe siqhubeke nebandla, yinto engcono kunakho konke engikwaziyo ukuyenza.

59 Lapha esikhathini esithile esedlule, ngangiphezulu eSithombeni seNkululeko futhi ngaphuma ngaleyongalo. Futhi ngilunguza laphaya ngale kwalelofasitela, ngibona isigejane semzwilili emincane owawufile, ilele nxazonke ngale ngaphandle lapho. Futhi ngathi kumholi, ngathi, "Awusho, yini indaba na? Leyomzwilili emcane i—ifile."

60 Wathi, "Mnumzane, bekunesiphepho izolo ebusuku, nalabobafo abancane bezungeza, futhi bangene ekukhanyeni kwalesoSithombe seNkululeko lapha. Futhi esikhundleni sokulandela ukukhanya ukuya endaweni ephephile, ifikile futhi yashaya ubucopho bayo baphuma, izama ukucisha ukukhanya. Into kuphela ebingayisiza, ibizama ukuyicisha futhi yazibulala emzamweni."

61 Ngathi, "Akadunyiswe uNkulunkulu. Kungase kube khona abaphikinkolo abavukayo ngokwejwayelekile, noma yini enye, abanqikazayo, nabangakholwayo, kodwa kakhulu ucisha ukuKhanya, uzame ukushaya ukuKhanya kukaNkulunkulu, uzovele uzishaye wena ufe futhi uwele phansi ehlazweni, futhi ukuKhanya kukaNkulunkulu kuzokhanya kuyo yonke iminyaka." Kunjalo. UNkulunkulu uzoqhubeka naphezu kwanoma yini noma ubani angayenza. Into engcono kunakho konke ongayenza ukuhlanganyela ngqo naYe futhi uqhubeke noku—nokugeleza kukaMoya oNgcwele.

62 Futhi uMose, ngenkathi engemuva phandle lapho kwingemuva logwadule, ngolunye usuku, Ngiyacabanga ethu ukudangala, ehamba, ecabanga ngalokho okwakwenzekile ezansi eGibhithe, kanye nabo bonke abangane bakhe. Futhi lapha wayeganwe ngowolunye uhlanga lwabantu, futhi elusa izimvu zikamukhwe-wakhe. Kwenzeka wabuka laphaya, wabona isihlahla sivutha, futhi wacabanga ukuthi kwakuxakile ukuthi isihlahla asizange sishe. Ngakho, uNkulunkulu wayezama ukuheha ukunaka kukaMose.

63 Futhi ngazi kanjani, wazini, kodwa lokho lomhlangano laphaya wawukade u. . . UNkulunkulu ukubeke phandle lapha ukuheha ukunaka kwabanye benu bantu enihlala kulamabandla lapha, ngaphandle kokwazi ukuthi uNkulunkulu wavuka kwabafileyo, futhi uJesu uyaphila lapha kulobubusuku ephulukisa abagulayo nabahluphekile na? Mhlawumbe Wakukhipha lapha ukuze ubone lezizishosha, nabakhubazekile, nabantu abasontekile basukuma ezihlalweni ezinamasondo futhi basuke bahambe, ukubona uMoya waKhe uhamba udabula ezethamelini futhi uqondisa abantu, futhi ukhuze izoni lapha emsamo, ngokungcwele, abantu ababukeka besaba uNkulunkulu, uza futhi ubatshele lapho bona khona, nezinto ezikhona. Futhi lonke iZwi lakho liyiqiniso elingenakuphosisa. Wazi kanjani ukuthi uNkulunkulu akakuhehanga ukunaka kwakho ukuze uze futhi ubuke into enjalo, ukuze nawe uchezukele eceleni na? Hhayi ukuphenduka ebandleni lakho, kodwa ukuphenduka endleleni yakho yokuphila, futhi ukhonze uNkulunkulu ophilayo ekuzalweni okusha futhi uzalwe ngokusha. Mhlawumbe uNkulunkulu wenza lokho.

64 UMose wachezukela eceleni, futhi lapho ebuka kulesosihlahla esivuthayo, waqala, wathi, "Awu,

ngizokwenyuka ngibone ukuthi kuyini lokhu kubuka." Ngokuvamile uNkulunkulu uZembula emlilweni.

65 Wabuyela eceleni ukusibona, noNkulunkulu wakhuluma kuye esesesihlahleni futhi wathi, "Mose, khumula izicathulo zakho, ngokuba umhlabathi omi kuwo ungcwele."

Manje, ukuba-ke uMose wayethe, "Manje, Nkosi ngizoKuhlonipha ngokuzithoba nje, ngizokhumula isigqoko sami, lokho nje kuzoba yikho nakho"?

UNkulunkulu akazange athi, "isigqoko sakho," Wathi, "izicathulo zakho."

Manje, uma ngizothi, "Awu, ngijoyina ibandla; angilungile yini nje njengomfo olandelayo na?"

UNkulunkulu akazange athi, "Uma indoda ingalijoyini ibandla . . ." Wathi, "Indoda ifanele izalwe ngokusha. Uma ingakwenzi . . ."

Uthi, "Awu, ngi—ngiya ebandleni elilungile."

66 Kulungile lokho, kodwa lokho akukhona okuyisidingakalo. "Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, akasoze angena eMbusweni." UNkulunkulu unohlelo olulodwa oluqinile, akunandaba ukuthi noma yini enye ibukeka iyinhle kanjani. Ufanele uhambisane neVangeli likaNkulunkulu. IBhayibheli liyakusho, futhi yileyonto okufanele siyenze.

67 Futhi uMose wadingeka ahambisane nohlelo lukaNkulunkulu, hhayi lokho uMose ayecabanga ukuthi kwakuyinhlonipho yokuzithoba, kodwa lokho uNkulunkulu akubiza ngenhlonipho yokuzithoba. Futhi wahlala phansi, wakhumula izicathulo zakhe, wahamba wenyuka. Wathi, "Ngiku," Yena, "zwile ukukhala kwabantu baMi, futhi Ngehlile, futhi Ngizokuthumela wehle uyobakhulula."

68 Niyazi uMose wakhononda. Wathi, "Manje, buka, ngingumuntu onensayo ngenkulumo. Angikwazi ukukhuluma kahle kakhulu, futhi angilona iqhalaqhala, kanjalonjalo." Uqala ukukhononda, noNkulunkulu wamtshela ukuthi Wayezothuma u-Aroni. Futhi khona-ke wayefuna ukwazi, wathi, uma engabona inkazimulo yaKhe, wayeyobatshela ukuthi babenzeni na?

Futhi uNkulunkulu wathi kuMose, "Yini lokho okusesandleni sakho na?"

69 Manje, noma yini eyayilele eduze, uNkulunkulu wayengasebenzisa noma yini. UNkulunkulu wayengasebenzisa isihlahla. Kodwa uMose wayenokuthile esandleni sakhe. Wathi, "Yinduku."

70 Wathi, "Yiphonse emhlabathini." Futhi wayijikijela phansi, yaphenduka inyoka. Wayicosha ngomsila; yaphenduka yaba yinduku futhi. Futhi uNkulunkulu wamkhombisa uMose

ngalokho, lokho Ayengakwenza, ukuthi WayesenguNkulunkulu ophilayo. Wayengathatha okwemvelo futhi akuguqule kube okungaphezu kwemvelo. Wayengenza noma yini Ayefuna ukuyenza, ngoba WayenguNkulunkulu.

71 UMose wacosha leyonduku esandleni sakhe, wagijima waya wase ethatha uZipora, umkakhe, wase emhlalisa phezu komnyuzi, futhi wabeka inganyana enqulwini ngayinye. Futhi wabamba imbongolo endala ngetomu nenduku esandleni sakhe, futhi nakhu ehlela eGibhithe ukuze akhulule a. . . abantu abayizigidi ezimbili.

72 Ubungathini ngakho na? Yeka ukubukeka okubucayi kanjani obekuyoba yikho. Lelikhehla, elineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, linentshebe emhlophe nezinwele eziphephezelayo *kanjalo*, lijabule futhi limemeza, limpongoloza, "Udumo kuNkulunkulu," umkalo ehlezi egxamalezele lomnyuzi, enenganyana enqulwini ngayinye, ehla ukuyolidla. Ubungathi nje ngalokho na?

73 Ucabanga ukuthi amabutho amakhulu namasosha ayeyothini ngalolosuku na? "Awu lowo omdala, umfo omdala ompofu uyahlanya." Izwe njalo lihlala licabanga lokho, kodwa wayeneZwi leNkosi, futhi Lalifanele lifezeke. Wayenesithembiso sikaNkulunkulu. Futhi wayenaleyonduku endala esandleni sakhe eyivayizelisa.

74 Manje, induku eyomile eyohlasela ibutho elikhulu laseGibhithe, elalinqobe izwe ngezinsuku zalo, izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zezinqola, abamahhashi, amadoda omkhonto, amaqembu amakhulu kunawo onke ahlome ngokwemishini; njengendoda eyodwa nje ibingazama ukumelana neRashiya namuhla noma into efana naleyo, mhlawumbe okuningi okuyinqaba bekungaba njalo-ke.

75 Futhi uMose, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, sengiyayibona impandla phezulu, nobuhwanqa bulengela phansi, nezinwele zizungeze intamo yakhe, futhi—futhi lapho wayehola lomnyuzi, ehlela ukuyolidla. Futhi ingxenye enhle ngakho, wakwenza (Kunjalo.), ngoba uNkulunkulu wayenze isithembiso.

76 Uma uNkulunkulu ethembisa noma yini, uNkulunkulu ungaphansi kwesibopho sokunakekela isithembiso saKhe. UNkulunkulu uzosesekela njalo. Anginendaba ukuthi uNkul-. . . ukuthi noma ubani uthini ngakho, lapho uNkulunkulu ethi kunjalo, kunjalo. Phumuza umphefumulo wakho, umzimba, namandla kukho, ngoba uNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe. Amen. Ngibonga kakhulu ngaleloculo elincane esiliculayo:

Zonke izithembiso eziseNcwadini zingezami,
Sonke isahluko, lonke ivesi, wonke umugqa.
Ngithembele othandweni lwaKhe lobuNkulunkulu,
Sonke isithembiso eNcwadini singesami.

77 Kulowo othandayo, makeze futhi aphuze emthonjeni waManzi eNkosi, ngesihle, ngaphandle kwemali, ngaphandle kwentengo; sekuvele kukhokhelwe. Noma ubani angeza futhi aphuze.

78 UMose ehla ukuyolidla; ukubukeka kanje okwakuyikho. Futhi ngenkathi ehlela lapho, wathatha lenduku endala, into kuphela ayenayo esandleni sakhe, futhi unqoba iGibhithe, futhi wahola abantwana bakwa-Israyeli, futhi wabondla ngentonga efanayo baze baya ezweni lesethembiso. Amen. Induku endala eyomile! Ungahle ungabi nakho okuningi esandleni sakho. Ungahle ungakwazi ngisho nokushaya ikhwela. Kodwa noma yini onayo esandleni sakho, vumela uNkulunkulu akubambe futhi Uzokubusisa. Amen.

79 Angeke wenze okungaphezu kokufakaza kumakhelwane wakho, uma ungenakwenza okungaphezu kokuphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, ngemukela lonke iZwi laKho," thatha lokho okusesandleni sakho wenze ongakwenza ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

80 Kwakukhona umfana omncane, ngesinye isikhathi, wahamba wayobona uJesu, futhi wayenamabhisikidi amancane amane noma amahlanu nezinhlanzi phakathi lapho. Manje, esandleni somfanyana kwakungekuningi kakhulu, kodwa uma kuke kwaba sezandleni seNkosi uJesu Kristu, Wakubusisa futhi waphakela izinkulungwane ezinhlanu. Into encane onayo ingase ibe yinhlansi encane yokukholwa ilele phansi lapho, ukuthi uyakholwa ukuthi Wavuka kwabafileyo. Akukuningi kakhulu kuwe, kodwa kukhulule kanye ebufakazini, kungahle kube imbangela yamakhulu abantu beza eNkosini uJesu Kristu.

81 Uma uhlezi lapho ugula noma ukhubazekile, futhi unechashazana lokukholwa, kudedele kulobubusuku bese uthi, "Nkosi Jesu, yilokhu kuphela enginakho, ukwethemba iZwi laKho, futhi nakhu ngiza, kukuWe ukunakekela konke okunye kwakho." UNkulunkulu uzokutshela konke okunye kwakho futhi. Vele ukudedele futhi uMvumele abe nakho.

82 Hlobo luni lwe-athomu uJesu aludedela ngaleyonkathi na? Uthathe izinhlanzi, hhayi ukuthi Wabaphakela izinhlanzi eziluhlaza noma izinhlanzi eziphilayo kuphela, Wabaphakela izinhlanzi eziphekiwe nesinkwa esiphekiwe. Amen. Ukuthi Wakutholaphi angazi. Nokho, Wa—Wabaphakela futhi bakudla.

Njengoba umfo washo, kungekudala, wathi, "Uyayikholwa leyondaba ngo-Eliya ehlezi phezulu lapho namagwababa na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane. Ngikholwa yilolonke izwi lakho." Kunjalo.

83 Babecabanga ukuthi u-Eliya wayehlanya, ehlezi phezulu entabeni lapho, futhi wayethola amanzi noma nini lapho ewafuna. Nalezo inhlangano nezinga eliphakeme ezansi lapho lalibulawa indlala, futhi khona-ke bambiza ngokuthi uyahlanya. Futhi wayengcono kunabantu abaningi, wayenezinceku ezingamakhaladi ezazimphathela ukudla njalo lapho elamba. Lokho kungcono kunabantu abaningi abahlezi lapha kulobubusuku. Kunjalo. Ngaso sonke isikhathi lapho elamba, nakhu kufika igwababa liphethe isemishi futhi limnika lona, landiza lahamba. Aguqa phansi futhi amtholele amanzi okuphuza ngesikhathi ayewafuna. Wayesentandweni kaNkulunkulu. Wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Amen. Yilokho—lokho—yilokho kuphela okufanele ukwenze, ukuthatha iZwi laKhe.

Omunye wathi, "Manje, Mfowethu Branham ngabe usho ukuthi ngempela lelogwababa lamlethela isemishi na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Awu, igwababa lalithathaphi na?"

84 Ngathi, "Angazi. Igwababa lalithola futhi laliletha ku-Eliya, futhi uyalidla." Ngathi, "Kungaleyondlela ngoMoya oNgcwele. Ubukade uhlekisa ngami ngimemeza." Ngathi, "Angeke ngikutshele ukuthi livelaphi; uMoya oNgcwele uyaliletha. Ngiyalidla nje. Futhi ngiyalithanda futhi ngiphila ngalo. Angazi ukuthi livelaphi; kodwa ngiyalithola; yilokho kuphela engikwaziyo. Inqobo nje uma Eliletha, ngizimisele ukulithatha." Amen.

85 Uthi, "Uzohamba kanjani lowomfo lapho engayi kudokotela na?" Angikwazi ukukuvimba lokho; uma uNkulunkulu esho njalo, uzokwenza noma kanjani. Kubuke nje. Kungumsebenzi kaNkulunkulu ukunakekela iZwi laKhe. Ubhekile ukuKwenza, futhi Ubophezelekile kuKho. Futhi Uzokwenza kulo lonke udaba (Amen.) kunoma yimuphi owesilisa noma owesifazane oyolokotha aMthathe eZwini laKhe (O, he, yiqiniso lelo, yebo, mnumzane. UMose wehlela lapho, futhi wenza khona impela lokho iNkosi eyayiMtshele ukuba akwenze.) uma nje uthatha lokho onakho esandleni sakho futhi uvumele uNkulunkulu abe nakho.

86 Manje, kwakukhona umfo omncane ngesinye isikhathi, kamuva kancane ovela lapho, ogama lingu—nguDavide, umfana omdadlana ongumalusi wezimvu owayehlala phandle emmangweni, elusa izimvu zikayise. Kodwa wayazi ukuthi isibusiso seNkosi sasiphezu kwakhe. Ngakho wazi ukuthi uNkulunkulu wayenaye. Futhi ngelinye ilanga lapho amabutho akwa-Israyeli ayebuthene ukulwa namaFilisti, ngani, uyise uJese wathi, "Manje, ngizokuthumela kubafowenu; bahambisele

amareyizini nokunye nokunye, futhi uye ngale futhi ubone ukuthi abafowenu baqhuba kanjani." Abafana ababili abadala wayesempini.

87 Ngakho uDavide waphuma. Futhi niyazi ngenkathi efika lapho, wabona okubonwayo. AmaFilisti ayebuthene ngakolunye uhlangothi no-Israyeli ngakolunye. USawulu ehlezi laphaya, amafidi ayisikhombisa, amayintshi amane ubude noma *okuthize*, umfo omkhulu obukeka njengenkosana. Kodwa ngapheseya, ngapheseya kolunye uhlangothi lomgodi, laphaya kwakukhona impi yamaFilisti, futhi babenophonsela inselele omkhulu, noma, iqhawe elikhulu eligama linguGoliyathi. He, cishe wayengamafidi ayisishiyagalolunye, amayintshi amane ubude, futhi umfo onjena ayenguye. Futhi lapho udeveli azi ukuthi unobungconywana kuwe, khona-ke uzoqiniseka ukuthi uyakuhlokoloza kuwe, uma engakwenza.

88 Ngakho waphumela emmangweni lapho, futhi wathi, "Ngizonenzela isiphakamiso, nonke nina bafo. Masingabangeli ukuchitheka kwegazi." Niyabo? Mkhulu, futhi wayengconywana kunabo bonke. Ngakho wathi, "Thumelani . . . khethani indoda laphaya emabuthweni akwa-Israyeli, futhi mayize ngapha, futhi ilwe nami; futhi uma ngiyibulala, khona-ke nonke nizosikhonza, uma ingibulala, khona-ke sizonikhonza." Impela. Yileyondlela udeveli azokwenza ngayo.

Manje, thatha isibonelo lomfo lapha: "Uma kuphela bengingabona *lokhu*, noma *lokho*, noma *lokho*." Niyabo? Noma kuphi lapho abangathola lolohlobo lombono . . .

89 Kodwa ngolunye usuku wenza ukuqhosha kwakhe endlebeni yendoda engalungile. Kwakukhona umfo omncane owayebukeka ezacile, cishe esinda cishe amaphawondi ayikhulu neshumi, namahlombe ethe ukuqhotha ngaphezulu nejazi elincane lomalusi wezimvu ezisonge ngalo. Futhi ngalokho kusa, lapho amabutho ehamba eya emuva naphambili, futhi eklabalasa elinye kwelinye, futhi ayezama ukungena empini, ngani, lo mphonseli nselelo omkhulu uyaphuma, wathi, "Manje, ngiyawadelela amabutho akwa-Israyeli." Kodwa kwawela ezindlebeni zendoda engalungile kuyo ngaleyonkathi. Yebo, mnumzane.

90 Kwakukhona umfana omdadlana lapho owayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wathi, "Yini lokhu na? Niqonde ukungitshela ukuthi nizoma futhi nivumele . . . lowomFilisti ongasokile adelele amabutho kaNkulunkulu ophilayo na?" Amen. Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. O, he. Goliyathi, wenze ukuziqhayisa kwakho okungalungile ngaleyonkathi.

91 Futhi lapho lokho kuwela endlebeni kaDavide, khona-ke umfowabo wathi, "Manje, buka lapha, ngiyakwazi ukuganga kwenhliziyo yakho, manje, vele uyeke ukusho izinto ezinjengalokho."

92 Abanye babo bathi, "Ngani, angashada indodakazi yenkosi, futhi uzoyinika ingcebo, futhi indlu kayise iyokhululeka kwa-Israyeli, kanjalonjalo."

Wathi, "Yini lena okhuluma ngayo manje na?" He, umfo omdadlanyana nje, yileyondlela nje a . . .

93 Ngani, angeke uhambe ngokubuka. Kunjalo. Awuhambi ngokubuka. Uhamba ngalokho okusenhliziyweni. Kunjalo. Uma uhamba ngokubuka, ngani, u-Israyeli wayeyoba nesikhathi esibi kabi lapho babecabanga ukuthi babengathola amanzi edwaleni. Leyo kwakuyindawo eyome kunazo zonke eyayikhona esizweni. Kodwa uNkulunkulu wathi "Khuluma edwaleni. Yileyonto enamanzi."

94 Khona-ke bathi namuhla, "Uma kukhona into enjengokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, bekungaba kwamanye alawo mabandla amakhulukazi amadala agqamile." Yilokho nje ocabanga ngakho. Niyabo? Kunjalo. Mhlawumbe yindawo eyome kunazo zonke owake wayibona, kodwa kukhona amanzi lapho uma nje uzokhuluma kuYo. Amen.

95 Manje, ngifuna niqaphele. Khona-ke ngenkathi uDavide, ngiyambona nje enyukela lapho, futhi wathi . . . mkhuphuleleni phambi kwenkosi. Yathi, "Manje, ake nime kancane lapha," yathi, "yenyuselani loyomfana lapha." Wenyukela kuyo, usuku . . . USawulu wambiza ngokuthi o "semusha." Kufanele ukuthi wayengumfo omncinyane obukeka ezacile (Niyazi?), amahlombe amancane engene phakathi, ethi ukuhambahamba, amehlo amadadlanyana abenyezela njengezinkanyezi ebheke kuye. Wathi, "Awu, lalela, angeke ulwe nalowo."

96 Wathi, "Inhliziyo yomuntu mayingabi yigwala phakathi kwakhe ngenxa yalesi siqhwaga." Wathi, "Inceku yakho izokuwela, ilwe naso;" O, he. Ngiyasithanda lesosibindi. Anisithandi na? Ngani? Sizobona emzuzwini ukuthi kungani wayenalesosibindi, yini eyenza lowo mehluko. Yebo, mnumzane. Wathi, "Ngizowela ngilwe nalesosiqhwaga."

97 Futhi lapho, uSawulu, ingane enkulu kakhulu, ehlezi phezulu lapho, emkhulu impela cishe njengesiqhwaga, futhi wayefanele ukuba yinkosi kwa-Israyeli, nakho konke *lokhu*, futhi khona-ke wayehleli lapho esaba ukuyolwa naso.

98 Kungifaka emqondweni wabaningi walalababantu namhlanje, abangakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Bazisho ukuthi bayalikholwa iBhayibheli, bese-ke bevele bavumele udeveli ahambe phezu kwabo, noma yini. Ngiyakholelwa kwesemfashini endala, isehlakalo sikaMoya oNgcwele, ozalwe ngokusha, wagxilisa okwempande, wafa kabili. Ngi—ngiyakholelwa entweni eyenza indoda iphile. Kufaka isibindi noMlilo kuyo. Kunjalo. Kuzoyenza ime mazonzwane nodeveli kunoma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu futhi sikubize ngeqiniso,

kungakhathaleki ukuthi kubukeka kanjani. UDavide omdadlana . . .

Ngani, wathi, "Angeke ukwenze."

Wathi, "Ngivumele ngihambe."

Wathi, "Manje, wazi kanjani ukuthi ungakwenza na?"

99 Wathi, "Buka lapha. Ngizokutshela okuthile. Ngike ngaba nesahlakalo esithile." Yilokho okudingekayo namuhla, ngumuntu othile obe nesehlakalo.

100 UDavide wathi, "Ngibe nesehlakalo." Wathi, "Ngangiluse izimvu zikababa laphaya, futhi ibhubesi liyangena, ibhere liyangena, futhi ladumela izinyane, noma, iwundlu elincane, futhi lagijimela phandle nalo," futhi wathi, "Ngagijima ngalilandlela futhi ngalishaya ekhanda ngalendwayimane, futhi khona-ke lapho ngiqala ukukhipha iwundlu emlonyeni walo, lavuka, futhi ngalibulala." Wathi, "UNkulunkulu owanikela ingonyama ezandleni sami, nebhere ezandleni zami," wathi, "Uyomkhulula kakhulu kangakanani lowomFilisti ongasokile." Kunjalo.

101 Ngakho uSawule wathi, "Woza ngapha futhi ngizokwenza umshumayeli wangempela wobufundisi, khona-ke." Ngakho umyisa ngaleya, futhi umgqokisa isivikelo esikhulu, nesigqoko sakhe sokuzivikela, nakho konke. Wasehlisela ezindlebeni zakhe ezincane, futhi wacabanga epopola eceleni, futhi egqoke isivikelo esikhulu, futhi akakwazanga ukunyakaza. Akakwazanga nje nje ukuya phambili.

102 Yileyo indaba ngabantu namuhla. Lapho umuntu ethola ubizo oluncane enhliziyweni yakhe ukuba ahambe ayoshumayela iVangeli, ufanele umyise kwelinye lalamakolishi ezenkolo amakhulu, noma okuthize lapho, futhi ukhiphe konke ukuba ngushumayeli kuye, futhi ufake enye yalesayense yezenkolo yezwe kuye, ka*njalo*, futhi ukhiphe konke ukuba ngumshumayeli kuye, bese-ke umtshela ukuthi ahambe. Akumangalisi engeke akholwe. Bakithi, konke kufakwe amahhanisi nezwe. Haleluya!

103 Sidinga ukuphuma futhi sinyakazise uMoya oNgcwele wemfashini endala othile futhi senze lendlu yezidumbu endala incibikaliswe, esikudingayo ngalapha, yilokho. Amen. Yebo, mnumzane.

104 UDavide omdala lapho, wagqoka ezakhe . . . wayene ziquza zakhe ze B.A., niyazi, ne L.L yakhe—yakhe., noL. abaphindwe kabili D., ne-D.D., niyazi, konke kuqhubeka. Wathi, "Angazi lutho ngalento. Angikaze ngifakazele lutho. Angazi ukuthi kuyini lokho." Wathi, "Angeke ngikwenze lokho." Futhi uSawulu wathola masinyane, ukuthi ivesta yakhe yobufundisi basesontweni ayiyilingananga indoda kaNkulunkulu. Amen.

105 Yileyo indaba ngabantu namhlanje. Uma nje ubatholela lawo mavesti amadala obufundisi basesontweni bese wehlela phansi . . . Ngincamela ukuba nolwazi lwakudala . . . Ngingaqoka ukuthi umfana wami ahlangane nendoda eyayingabazi o-ABC bayo, futhi ayikhiphe lapha emmangweni ngasesiqwini esidala ndawana thize, futhi amkhulekisise ukuba afinyelele kwisehlakalo sikaMoya oNgcwele semfashini endala, kunokumthumela kuzo zonke izikole ezikhona ezweni, lokho bekuyothatha amandla ibandla likaNkulunkulu nezibusiso zikaNkulunkulu ziphume empilweni yakhe. Amen. Kunjalo. Yebo, mnumzane.

106 Futhi lapho, uDavide wabuka phezu kwento, wathi, "Angazi lutho ngalokhu. Angazi ukuthi ngithini, 'A-men,' nawo onke amahubo okubonga, nazo zonke lezozinto enjalo. Angazi ukuthi ukwenza kanjani lokho." Wathi, "Angihambe nalokhu esengikufakazisile ukuthi kulungile." Haleluya!

107 Yilokho engikushoyo. Ngiyazi ngenkathi ngenyukela kumbonisi wami omkhulu, ngamtshela ukuthi iNgelosi yeNkosi yayihlangane nami, wathi, "Billy, hamba uye ekhaya. Ube nephupho elibi." Wathi, "Ngani, usho ukuthi ngemfundo yebanga lesikhombisa, uzokhulekela abagulayo, futhi uhambe uyokhulekela amakhosi na?"

Ngathi, "Yilokho akusho."

Wathi, "Uzokwenza kanjani na?"

Ngathi, "Angazi, kodwa kungithathe kwaze kwaba lapha, Uzongithatha angiqhube." UNkulunkulu uyakwazi, Owenze isithembiso, kuzokwenza.

108 Wathi, "Hawu, ndodana, ngicabanga ukuthi kungcono ubuyele emuva. Udinga ukuphumula." Ngangingadingi ukuphumula. Ngangidinga ukuya emsebenzini. Ngangikade ngiphumule isikhathi eside kakhulu ngakeso sikhathi.

109 Yileyo indaba ngenqwaba yabantu namhlanje. Vuka uhambe. Sekuyisikhathi, abantu basenkathazweni, asihambeni, sibayise eNkosini uJesu, ngokushesha.

110 Siyaqaphela lapho ukuthi sithola uDavide omdadlana, wathi, "Manje, buka. Angazi lutho ngawe . . . zonke iziqu zakho, futhi angazi lutho ngezikhali zakho, nazo zonke izinto nina bafo enilwa ngazo, neniphikisana ngazo, futhi niqophisane ngazo. Kodwa ngazi into eyodwa: ngiyethembile lendwayimane endadlana; uNkulunkulu wakhulula ingonyama ngalendwayimane; Wakhulula zonke lezi ezinye izinto ngalendwayimane; futhi uNkulunkulu uzokhulula lowomFilisti ongasokile ngendwayimane."

111 Ngiyazi ukuthi ngenkathi ngiseyisoni, ngilahlekile, futhi ngisezweni, ngifa ngaphandle kukaKristu, uMoya oNgcwele wangisindisa. Ngiyazi uma ngikhathazekile, uMoya

oNgcwele uyangijabulisa. Ngiyazi uma ngidinga ukudla, uMoya oNgcwele uyangiphakela. Uzongiphilisa kakhulu kangakanani uMoya oNgcwele uma ngigula, emva kokuba uNkulunkulu esekuthembisile. Angazi ngezinye izinto zenu, kodwa ngiyazi ukuthi uNkulunkulu wenze isithembiso, futhi yisethembiso sikaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uzonamathela esithembisweni saKhe.

"Kuyini lokho okusesandleni sakho Davide na?"

Wathi, "Yindwayimane." Amen.

"Uzolwa kanjani nalesosiqhwaga laphaya nomkhonto ongamafidi ayishumi nanhlanu- noma angamashumi amabili na? Ubungeke ufinyelele eduze kwakhe."

Wathi, "Ngiyakufakazisa lokhu. Ngiyazi ukuthi lento izokwenzani."

112 Kunjalo. O, njalo owesilisa noma owesifazane ozalwa ngoMoya kaNkulunkulu, oke wemukela uMoya oNgcwele, bayazi ukuthi lokho kuyokwenzani. Angazi ukuthi zonke izingxabano zenu nazo zonke izikole zenu zizofundisani, kodwa ngazi into eyodwa, ukuthi kuzokwenza lokho uNkulunkulu athi kuyokwenza.

113 UDavide omncane wayefunde uNkulunkulu ngendlela yemvelo. Ephandle lapho, endleleni, wakhuluma ngamanzi athule namadlelo aluhlaza. Wabona uNkulunkulu esesimweni saKhe sasekuqaleni, uNkulunkulu emvelweni yaKhe, ehamba.

114 UNkulunkulu usemvelweni. Anikukholwa na? Impela Unjalo. Ngithanda nje ukuMbuka ekushoneni kwelanga, ngiMbhekisise e . . . njengokumila kwezimbali, ngiMbheke lapho ilanga liphuma.

115 Lapha esikhathini esithile esedlule, ngangiphezulu ezintabeni lapho ngiya khona lapho ngikhathala kakhulu kangangokuthi angisakwazi ukuqhubekela phambili. Futhi ngenyukela lapho ngenye ikwindla ukuyozingela, futhi ngangizingela inyamazane i-elki. Kwasekuleyithi ekwindla. Sasile emuva phezulu, ngoba iqhwa lalingakehli ukuzokwehlisa umhlambi. Futhi ngangiphezulu le esicongweni, noma, eduze kwemithi yokwenza amapulangwe. Futhi ekwindla yonyaka, phezulu le lapho ezintabeni eziphakeme, liyeza, lizokhithika isikhashana, bese-ke lina isikhashana, bese-ke ilanga liyaphuma, niyazi ukuthi kunjani ekwindla yonyaka. Futhi ngenkathi ngisahamba, hhayi ukudubula inyamazane, kungengaphezu nje kokuba ngijule.

116 Ngiyathanda ukuhamba noNkulunkulu. Wonke owesilisa nowesifazane . . . Inkathazo leyo. Ubufanele uchithe isikhathi esiningi nsuku zonke, esikhundleni sokugqagqamuka, nokugijima uzungeza, ubufanele ubephandle ndawana thize ukhuleka futhi ufunisisa uNkulunkulu. Amen.

117 Futhi phezulu lapho, ngangihamba; futhi kuqhamuka isiphepho, ngase ngingena emva kwesihlahla *kanje*. Futhi ngangimi emva kwesihlahla nemimoya ivunguza. Kwakuwukuphephethela-phansi okudala lapho empeleni. Ngakho-ke, emva kokuba isiphepho sasesiphelile, ngaphuma emva kwesihlahla, nganginesibhamu sami esikhulu sihlezi phansi. Ngase ngibuka ngale, ngase ngiqala ukuzwa umhlambi wezinyamazane ama-elki le phambi kwami. Zazidukile esiphephweni. Zazikhala enye kwenye.

118 Umama wami uyiNdiya ingxenye, futhi khona, ngokwenele nje ukuthi ngiyakuthanda lokho kuba ngaphandle. O, he. Njengoba uDavide athi, "Lapho utwa luqala ukubizana notwa . . . " Futhi ngempela kuqala ukubiza okujulile khone-ke.

119 Impisi endala empunga iqala ukuklewula phezulu lapha, nomata uyayiphendula ezansi phansi. Ngakhala njengengane. Angikwazanga ukuzibamba, ngavele ngama lapho futhi ngaklabalasa nezandla zami ziphezulu emoyeni.

120 Ngabuka phandle; khona-ke ilanga laphuma, emuva le ngalapha kumkhathizwe wasentshonalanga, elunguza, leloso elikhulu elibona konke. Futhi ngale . . . leso sihlahla esihlala siluhlaza sasimbozwe yiqhwa, phezulu lapho, neqhwa. Kwabumba uthingo lwenkosazana ezansi ngapheshe ya kwesigodi ka*njalo*. Ngacabanga, "O, Nkulunkulu, yonke indawo lapho ubheka khona ungaMbona." Wayelapho. Ngacabanga Yena . . . Nango Ubuka laphaya; Ubuka ngapho. Nango Emhlanjini wezinyamazane ama-elki, futhi naNgu phakathi ezansi ezimpisini ezimpongolozayo. NaNgu emvelweni. Ngacabanga, "Kunjalo . . . " (njengoba uPetru asho) "Kuhle ukuba lapha. Asakhe amadokodo amathathu."

121 Futhi ngaba nenkolo ngempela, ngase ngigijima ngizungeza futhi ngizungeza lesosihlahla, ngimemeza ngephimbo lami lonke, ngimemeza nje ngigxuma phansi phezulu kanzima nje njengoba ngangingakwenza. Uma umuntu othile efika phandle lapho, babeyofuna ukungiyisa esikhungweni sezinhlanya, becabanga ukuthi kukhona umuntu ohlanyayo phandle emahlathini. Kodwa ngangicishe ngibe ngamamayela angamashumi amathathu nanhlanu noma amashumi amane ukusuka empucukweni. Ngangingedwa neNkosi, nginesikhathi esimnandi.

122 Ngabheka phezulu, futhi ngabona lokho, futhi ngacabanga, "Ya, lolothingo lwenkosazana." UNkulunkulu wanika lokho uNowa. "Wayefanele akubuke kukho njengothingo lwenkosazana njengetshe lejaspi nesardiyu. Owokuqala, owokugcina, Lowo owayekhona, okhona, noyakuza, iMpande neNzalo kaDavide, iNkanyezi yoKusa." Futhi ngazungeza futhi ngazungeza isihlahla ngaphinde ngahamba, ngawo wonke amandla engangiwahamba, ngimemeza ngephimbo lami lonke.

123 Futhi ingwejeje endadlana yesihlahla seshoba, angazi noma nina bafowethu senike nayibona eyodwa noma qha, kodwa ingwejeje encane yesihlahla seshoba yayihlezi phezulu lapho esiqwini. Yaqala, "Tsheke, tsheke, tsheke, tsheketsheke, tsheketsheke, tsheketsheke, tsheketsheke," sengathi yayizongidwengula ngibe yizicucu. Ngacabanga, "Umfo omncane uxhuxhunyiswa yini kangaka na?" Wayetsheketshekeza nje kanjalo.

124 Futhi ngabheka laphaya, futhi ngacabanga, "Mhlawumbe uyangesaba." Futhi kwenzeka ukuthi ngibuke futhi okuphuma ngaphansi lapho, umoya wawu—wawuphoqele phansi ukhozi olukhulu. Futhi lolokhozi olukhulu, ngenkathi luphuma, yilokho ingwejeje encane eyayikukhonkotha. Lwagxumela egatsheni ka*njalo*, nengwejeje encane yagxuma yabuyela kutsheketsheke-tsheketsheke wayo.

125 Ngalubuka lolokhozi olukhulu. Ngacabanga, "Manje, Nkosi, ngabe ngilwesabisile lolokhozi laphaya, bengimemeza kakhulu na?" Ngakho ngalubuka futhi ngacabanga, "Manje, Ulubeke lapha phambi kwami, ukuba ngibone, ukwenzela into ethize. Angazi ukuthi kungani Wethule lolokhozi phambi kwami."

126 Ngaqhubeka nokulubuka. O, lwalungenkulu, inyoni enkulu kakhulu. Futhi ngaqaphela amehlo alo amakhulu abukeka engathi ivelvethi eqalaza. Ngacabanga, "Awu, kunento eyodwa engiyazisayo ngawe, mfana: lokho ngukuthi, unesibindi, awesabi." Futhi ngacabanga, "Kungani ungesabi na? Yilokho engifuna ukukwazi. Kungani ungesabi na? Awungesabi na?" Futhi ngalubuka, niyazi, futhi thintitha lezozimpaphe emuva naphambili, niyazi, futhi luhamba luya emuva naphambili kulologodo, luqalaza. Lubuka leyongwejeje yesihlahla seshoba futhi lungibuke. Ngathi, "Mfana, uyazi ukuthi ngingakudubula na?" Lwavele lwangibuka lwase luqhubeka, niyazi, lunyathela emuva naphambili. Lwalungayikhathazi kangako.

127 Futhi ngacabanga, "Kungani ukuthi awu—ukuthi awesabi na?" Khona-ke kwenzeka ngathi, "Manje, ngizofundisisa, Nkosi, kungani kunjalo na? Manje, ngiyaKubona lapho othingweni lwenkosazana; ngangizwa umhlambi wempisi; ngiyaKubona ngaleya ekushoneni kwelanga. Ngani? Ingabe Ukulolo khozi na?" Ngase ngibuka lowomfo kancanyana. Ngacabanga, "Yebo, isizathu sokuthi alwesabi, lu—lunyakazisa lezozimpaphe emuva naphambili. UNkulunkulu ulunika ipheya lamaphiko, futhi luyazi ukuthi ngaphambi kokuba ngithole lesosibhamu esikhulu esandleni sami, luyoba kulezoziqongo zesihlahla, futhi angeke ngikwazi ukuludubula." Ngathi, "Udumo kuNkulunkulu." Nginesinye isikhashana. Nakhu ngaqala ukugijima. Ngacabanga, "Kulungile. Inqobo nje uma ungezwa uMoya oNgcwele ukuzungezile, yimuphi umehluko kwenzekani na? Vumela konke kuhambe, noma yini. Inqobo nje uma ungaKuzwa ngakuwe, wazi ukuthi Ulapha."

Omunye wathi, "Mfowethu Branham, awesabi ukuthi uzokwenza iphutha ngobunye ubusuku na?"

Ngathi, "Qhabo, hhayi inqobo nje uma ngiMuzwa, qhabo, mnumzane, uma Ehamba, ngizosuka emsamo, kodwa inqobo nje uma Elapho."

128 Ngambuka lowomfo imizuzu embalwa. Ngiyasuka nje endabeni yami lapha, kodwa ngifuna ukunitshela lokhu. Lapho ngimbuka lapho kancanyana, emva kwesikhashana wadinwa ukulalela leyongwejeje endadlana yesihlahla seshoba, "Tsheketsheke, tsheketsheke, tsheketsheke, tsheketsheke." Futhi lwenza nje ukweqa okukodwa okukhulu ka*njalo*; lwaseluphezulu ngqo ngaphezu kwalezoziqongo zesihlahla, ukubhakuza okuthi akube kubili ngamaphiko alo. Futhi alubange lusabhakuzisa amaphiko alo esinye isikhathi, lwalwazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo. Futhi ngalubuka. Ngaso sonke isikhathi lapho umoya wawungena, lwalugibela luye phezulu. Ngaso sonke isikhathi lapho umoya wawungena, lwalugibela luye phezulu. Lwalulokhu nje luqhubeka futhi luqhubeka futhi luqhubeka futhi luqhubeka, lwaze lwaba yichashaza elincane.

129 Ngama lapho ngamemeza ngephimbo lami lonke. Ngathi, "Yebo, Nkosi, yilokho-ke; yilokho-ke. Akukhona ukugxuma nokujoyina iMethodisti, nokubuyela kwiBaptisti, nangale kwiPresbyterian, ngale kwiPentecostal, i-Assemblies, i-Oneness, nxazonke kanjalo. Kungukuhlela nje amaphiko akho." Haleluya! Kunjalo.

130 Akusikho ukugijima usuka emhlanganweni wokuphulukisa owodwa uya komunye. Akusikho ukugijima usuka ehhovisi likadokotela elilodwa uya kwelinye. Kungukwazi ukuthi ungawahlela kanjani amaphiko akho okukholwa emandleni kaMoya oNgcwele; ngaso sonke isikhathi lapho Lugibela phakathi, gibela phezulu kuLo uze ukwazi ukushiya lotsheketsheke omdala oboshelwe emhlabeni, tsheketsheke, tsheketsheke. Lesisigejane esidala esithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," futhi, "Lokho kwakungokwabantu kudala": gibela ngaphezu kwakho. Ngaso sonke isikhathi lapho uMoya oNgcwele ushukuma ungena, bamba amaphiko akho ungene kuWo futhi uqhubeke uphele emehlweni, uqhubekele phezulu ungene emazulwini eZulu. Shiya lowo *s'bani-bani* oboshelwe emhlabeni omdala, hlala emuva lapha bese uthi, "Awu, ngikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ngikholwa ukuthi labobantu basangene ekhanda ocabanga lokho." Vele ugibele ungene uqhubeke phezu kwakho. Amen. Ungabhakuzi futhi ugxume, vele uhlele amaphiko akho. Vumela uMoya oNgcwele ukucoshe, ukucoshe, ukucoshe. Qhubeka nje uhambe, uze uphume.

131 Ya, ngolunye usuku phezulu lapho ngangelusa izinkomo. Kwenzeka angangaqaphela lutho nge ea-. . . , noma, enye into ngokhozi: Umama wokhozi omdala lapho akha isidleke sakhe, usenza ngezinti ezinkulu nezinto, futhi kuyanuka ngakwesisodwa.

132 Ngakho lapho izinkozi ezincane zifunda ukundiza, Ngangiqaphela, ngahhuka, ngafaka amatomu ehhashi azungeza isitho, ngase ngiya ngale. Nganginezibonisakude ezithize ngibuka nje. Ngabona lowomama khozi omdala phezulu le lapho; wayenza okuthize, ebhakuza ezungeza emoyeni. Ngangibhekise izingilazi zami kuye futhi ngambuka, ngoba sasehlisa izinkomo. Futhi ngabheka phezulu phakathi lapho, futhi ngambona, ukuthi wayebakhiphela ngaphandle kanjani labo abancane. Futhi wayelokhu eseka lezozinkozi ezindadlana zizungeza futhi zizungeza phezulu lapho.

133 Futhi emva kwesikhashana, wayenazo zonke emaphikweni akhe; futhi wavele wazithatha wazikhipha kuleso sidleke esidala esinukayo, futhi wehlela esigodini, futhi wehlisa amaphiko akhe amakhulu ka*njalo*, futhi lapho esekwenzile, zonke lezozinkozi ezincane zehla futhi zaqala ukuhambahamba lapho. Okokuqala nje ukuba zibeke izinyawo zazo otshanini, he, uma zazingenaso isikhathi esikhulu. Ngathi, "Nkosi, uma leyo kungesiyo imvuselelo kaMoya oNgcwele eyimfashini endala, angikaze ngiyibone eyodwa empilweni yami." Kunjalo. Ngathi, "Zibuke!"

134 Ziphuma kulesosidleke esidala esinukayo phezulu lapho, niyazi, lapho iphunga elidala nonamathela nezinto, yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo. Uyakuphakamisa ngamaphiko okhozi, futhi akuthwale uphume ezintweni ezinukayo ezindala zezwe akuyise kulendawo lapho zonke izinto zingenzeka khona, ukhululeke njengoba ungaba. Amen.

135 Khona-ke ngaziqaphela zigijima zizungeza, zihwaphuna umthamo wotshani omncane *lapha*, bese zigijimela ngale, zihwaphune umthamo omncane *lapha*, futhi zidlala, zinesinesikhathi esimnandi nje, kungekho kulahlwa nhlobo. Ngacabanga, "Awu manje, uzokwenzani lowomama omdala na?"

136 Ngemuva kokuba esebone abancinyane bakhe beqala ukudlala kahle ngempela futhi benesikhathi esihle, waphinda wahlela amaphiko akhe futhi, futhi wahamba wayothi ngqu phezulu le edwaleni eliphakeme kunawo wonke ayengalithola. Wahlala phezulu lapho futhi wazihlalela, uqala ukuqalaza. O, he. Ngacabanga, "Kunjalo. Ngenkathi iNkosi uJesu ingikhipha odakeni yangibeka phezu kweDwala, uKristu Jesu, Wagibela izingange zaseNkazimulweni, ehlezi phezulu, ebuka phansi. Iso laKhe liphezu komzwilili, futhi ngiyazi Uyangiqaphela." Akukho okulimazayo, akukho-ngozi, akukho-

lutho olunye olungenzeka, inqobo nje uma siseBukhoneni baKhe bobuNkulunkulu. Amen. Makuze, nakuhambe okungahamba; ngisho nokufa qobo lwakho kulahlekelwe udosi lwakho. Isizathu Umi ngaleya eNkazimulweni kulobubusuku; amehlo aKhe abheke lomhlangano ukubona nje ncamashi lokho okuzokwenzeka, ngenkathi abancinyane baKhe bebuthana ndawonye bezungeza isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, bethokoza eZwini likaNkulunkulu, bememeza eBukhoneni bukaNkulunkulu, o, he, ngokukhululeka.

137 Labo bafo abancane abazange babheke lutho. Mfana, dedela inkentshane ikoyote iqale ukuya ngakoyedwa wabo, iyothola ukubhaxabulwa okubi kabi ukwedlula konke eyake yaba nakho empilweni yayo. Amen. O, he.

138 Futhi ngenkathi ehlezi phezulu lapho, kwase kuthi emva kwesikhashana, ngahlala lapho cishe amahora amabili ngimbhekile. Omncane wasenyakatho uza ngapha, umudwa omncane oluhlaza satshani, uza ngokushesha, isiphepho siyeza. Futhi ngenkathi ekhala, ngenkathi eshiya lesosidleke phezulu lapho, wandizela phansi ka*njalo*, wamemeza kanye, nazo zonke lezozinkozi ezincane kuyo yonkei—imfunda encane lapho ziqala ukugijima ndawonye. Welula amaphiko akhe *kanjalo*. Ngalunye lwalezozinkozi ezincane lwavele lwagijima futhi lwagxumela phezulu ephikweni, zafaka umlonyana wazo ngasophapheni *kanjalo*. Laphakamisa lawo maphiko amakhulukazi ahlulayo, nalesosiphepho siza sehla ngalelogqquma siduma amamayela angamashumi ayisithupha ngehora. Wavele wahamba waqonda ngqo edwaleni njengoba wayengenza wase ezithatha waziyisa emphemeni.

139 Ngacabanga, "Yebo, ngolunye lwalezizinsuku, kuzofika ukukhala okuvela phezulu; iNkosi uJesu iyofika futhi yelule amaphiko aYo amakhulu, futhi bonke abancinyane baKhe bayogxumela ezingalweni zesiphambano esidala esimahhadlahhadla, futhi siyothwalwa siyiswe ekuphepheni kosuku lwaKhe oluzayo kuze kudlule isiphepho sokuphila." O, kumangalisa kanjani uma uzobuka uNkulunkulu, emvelweni yaKhe.

140 UDavide wayekubonile lokhu futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekhona, futhi uNkulunkulu wayezokhulula. Wayebone uNkulunkulu emvelweni yaKhe. Ngakho wathi, "Nginike lendwayimane encane. Ngikuzamile. Yilokho kuphela engazi noma yini ngakho, yilendwayimane."

141 Futhi yilokho kuphela ikholwa elazi noma yini ngakho, "Ukuthi uNkulunkulu washo njalo, futhi lena yindwayimane endala. NgizoYithemba noma ngasiphi isikhathi, ngokumelene nanoma yini udeveli angayikhipha," (Amen!) "yiZwi likaNkulunkulu."

IZwi likaNkulunkulu lodwa liyohlula uSathane noma kuphi, noma nini, kunoma yiziphi izimo, uma owesilisa noma owesifazane ezolokotha ukuLithatha, uNkulunkulu, eZwini laKhe. Amen.

Futhi ngiyambona ngalesosikhathi, njengoba eshilo, "Awu, qhubeka. INkosi ibe nawe."

142 Wafinyelela ezansi lapho futhi wazizingelela ngaphandle esigodini esidala futhi wazitholela amatshe amancane amahlanu, futhi wawafaka esikhwameni sakhe esincane esigaxwayo. Wafaka elilodwa phansi endwayimaneni yakhe wasephumela lapho ukuyohlangabezana noGoliyathi. Futhi uGoliyathi wambuka futhi wathi, "Ingabe ngiyinja na?" Ngani, wamthuka egameni lonkulunkulu bakhe. Wathi, "Ngizokuthatha, wena omncane obukeka njengochakide, mgingqiki ongcwele, wena, bese ngifaka lomkhonto kuwe, bese ngikulengisa lapha futhi ngiyekele izinyoni zikudle isikhashana." Yebo, mnumzane.

Wena uthi, "UDavide wayengeyena umgingqiki ongcwele." Yebo, wayenguye; lokho enikubiza ngomgingqiki ongcwele.

Lapho uMphongolo weNkosi uqala ukungena, waphuma futhi Wasina phambi koMphongolo ngamandla akhe onke; nomkakhe wahlekisa ngaye.

143 Wathi, "Awukuthandi lokho, buka lokhu." Futhi wehla wazungeza wazungeza wazungeza wazungeza uMphongolo waphinde wahamba. Uma lowo kungesiye umgingqiki ongcwele wesimodeni, angikaze ngimbone oyedwa empilweni yami. Impela wayenguye. Amen.

Omunye wathi, "Mfowethu Branham unokuthile kwalokho lapho uhlobo olusha lwenkolo, awunalo na?"

Ngathi, "Qhabo, ngithole isilinganiso esikahle sohlobo oludala." Amen.

Wathi, "Ngathi, ngiqonde leyonkolo ememezayo."

144 Ngathi, "Leyo yinkolo endala kunazo zonke eyake yaziwa." Ngathi, "UNkulunkulu wabuza uJobe, 'Wawukuphi lapho ngibeka isisekelo semihlaba, lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, namadodana kaNkulunkulu amemeza ngokujabula na?' iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi ngaphambi kokuba umhlaba uze ubunjwe." Amen. Uzongibiza ngo "mgingqiki ongcwele" noma kanjani, ngakho ungahle uzilungiselele, uzijwayeze.

145 Qaphelani, bazalwane, ake nginitshele okuthize. UDavide wayazi, futhi wayisonga leyondwayimane endala. Waphuma, futhi wathi, "Uhlangabezana nami njengomFilisti, egameni lomFilisti, ngesivikelo nomkhonto, kepha ngihlangabezana nawe eGameni leNkosi uNkulunkulu ka-Israyeli yona kanye impi oyidelelile." Futhi wathi, "Namuhla ngizonikeza izinyoni

isidumbu sakho nezilwane zasendle. Futhi ngizothatha yonke inyama yalawa maFilisti . . . ” Bese yena . . . nomfo omdala wamlandela.

146 Manje, bukani uDavide, ngenkathi egijima ewela lomfudlana omncane, wawela ukuba ahlangabezane naye. Futhi lapho esekwenzile, wayephetheni esandleni sakhe na? Nakhu uDavide ayenakho: Wayenamadwala amahlanu, U K-H-O-L-O, eminweni emihlanu esongelwe ku U-J-E-S-U; nangu eza, amadwala amahlanu eminweni emihlanu; ukukholwa eNkosini uJesu. Futhi nalelodwala laqonda ngqo ogebhezini lwekhanda lalesosiqhwanga esidala, futhi uDavide wasilahla phansi, futhi wanquma ikhanda laso. Futhi lapho ekwenzile, waqalaza; futhi bonke abanye babona okwakwenzekile, baqunga isibindi base behosha izinkemba zabo futhi baqala ukulwa namaFilisti odongeni, babanquma babalahla phansi.

147 Lapha eminyakeni embalwa edlule, ngenkathi ngiqala, kwakungekho-muntu owayeshumayela ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Lapho bebona uCongressman Upshaw nabaningi babo bephulukiswa, ngiyanitshela: AmaPresbyterian, namaMethodisti, nama-Assemblies of God, nabo bonke, bazitholela oyedwa; nabanye bazitholela oyedwa; iChurch of God yathola oyedwa; u-Oral Roberts; futhi elinye lathola omunye othile; futhi mfowethu kade sinquma amaFilisti kusuka kwesokudla kuye kwesobunxele. Haleluya! Ngoba yonke inhliziyo ithatha isibindi kulobubusuku, futhi ingxenye ayikaze itshelwe. Ngokuba uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ithembisile.

Yini leyo esesandleni sakho kulobubusuku na? Noma ngabe yini onayo, isebenzisele inkazimulo kaNkulunkulu.

148 Sengiyambona umfo ezansi lapho ogama linguSamsoni. Waphumela lapho ngolunye usuku, namaFilisti ayenze umonakalo omncane laphaya; wabopha imisila yezimpungushe, washisa wonke amabele abo. Ngakho lawoma-Israyeli afika futhi amthatha, athi, “Sifanele sikukhulule kumaFilisti.”

149 Base bemthatha bamyisa laphaya, base bembopha ngamabhande athile, futhi bamehlisela lapho. Futhi amaFilisti ayezomphatha kabi, futhi lapho ekwenzile, uMoya weNkosi wehlela phezu kwakhe. Amen. Yilokho okwenza umehluko. Lapho ezwa uMoya weNkosi ufika phezu kwakhe, wayengenalutho esandleni sakhe. Futhi wabheka phansi futhi nakho kwakulele umhlathi womnyuzi. Futhi wacosha lowomhlathi esandleni sakhe futhi wabulala inkulungwane yamaFilisti. Amen. Yilokho kuphela ayenakho.

150 Akudingekanga ukuba aqhubekele phambili bese ethi, “Manje, lindani. Ake ngithathe lomhlathi futhi ake ngiwuhlole futhi ngibone ukuthi uzoyimela yini ingcindezi noma qha.” Wayengenaso isikhathi sokucabanga zonke lezozinto. Isimo

esiphuthumayo sasiqhubeka. AmaFilisti ayephezu kwakhe. Into kuphela ayengayenza kwakungukucosha umhlathi futhi alwe. Yilokho kuphela okwakukhona.

151 Futhi kulobubusuku, awunaso isikhathi sokubaleka futhi ucabange zonke lezizinto. Imvuselelo izophela kusasa ebusuku. Masithathe iZwi likaNkulunkulu, Elisesandleni sakho, asilwe nesitha sethu esifayo. Amen.

UNkulunkulu umnika ukunqoba.

152 Kwakukhona umfo omdadlana ezansi lapho eBhayibhelini ogama linguShamgari. Kungahle ukuthi awukaze ngisho umqaphele eNcwadini yabaHluleli, umfo omdadlana nje. Ake sithathe umdlalo wasesiteji omncane kuye.

153 Sengiyambona laphaya, umfo omncane ozihluphekelayo. Kwakuyisikhathi lapho wonke umuntu wenza ababekufuna. Futhi u-Israyeli wayengenankosi. Bonke babehlukene, behlukanisiwe, amaqembu amancane, cishe njengoba nje ibandla linjalo namhlanje.

154 Oyedwa i-Assembly. Omunye iChurch of God. Omunye i-Oneness. Omunye iBaptisti. Omunye iPresbyterian. Omunye iMethodisti. O, he. Uma singakuthandi *lapha*, siya *ngapha*, na*ngapha*, na*ngapha*, na . . . O, he. A—a—angikutholi, qobo lwami.

155 Bese kuthi lapho sebengena lapho. Futhi o, ababekudinga kwakungu . . . lokho nje ababekudinga ngaleyonkathi, kwakuyimfashini endala enhle, uhlobo lwenkululeko; yilokho esikudingayo namhlanje (Amen.), ibandla libuyele ekukholweni kukaNkulunkulu ophilayo, libuyele esithembisweni sikaNkulunkulu, sibuyele enkazimulweni kaNkulunkulu, sibuyele emandleni kaNkulunkulu.

156 UShamgari wayenakho konke okwezinto zakhe kumile, ukolo wakhe, njengoba enza minyaka yonke. Futhi cishe ngesikhathi lapho wayetshale izitshalo, khona-ke ngaleso sikhathi kwakuzofika amaFilisti futhi akususe kuye. Yileyondlela nje udeveli enza ngayo. Ngalokho nje udeveli amuhle ngakho. Ngesikhathi nje othola ngaso isibindi esincane sakhiwe, noma enye into, khona-ke kufika udeveli futhi akususe kuwe. Kunjalo.

157 Njengemvuselelo eqhubekayo manje. Cishe nje ngesikhathi oqala ngaso, futhi inkazimulo kaNkulunkulu iqala ukuwa, khona-ke omunye uwaka uzofanele akhuphuke, futhi enze okuthize okungalungile, futhi akhiphe inkazimulo entweni.

158 Lapha esikhathini esingeside esedlule, ngehla, lapha kwakunomunye wodadewethu abangamaKristu, ezipende njengoJezibele. Ngathi, "Yini indaba na?"

Wathi, "Awu, udumo kuNkulunkulu." Wathi, "Umelusi wami wangitshela ukuthi kwakuwukukhululwa kwabesifazane."

159 Ukukhululwa kwabesifazane! Yini indaba ngani na? Ayikho into enjalo. UKristu wakukhulula esonweni, bese-ke uziphatha njengakho futhi ugqoke njengakho. Cishe ngesikhathi ibandla elakhiwa ngaso futhi liqala kahle, khona-ke into efana nalokho isingenile. Yebo, mnumzane.

160 Wathi, "Awu, ngiyakutshela." Wathi, "Umelusi wami wangitshela ukuthi ngingakwenza konke lokhu. . . " Futhi wayenopende owanele ukupenda inqolobane. Iminwe yakhe—yakhe yayibukeka sengathi wayekade edla inyama eyisiteki senkomo eluhlaza negazi phezu kwezinzipho zakhe.

Ngacabanga, "Sifazane, awubukeki njengomKristu kimi."

161 Lalela, nenekazi, ungaluvumeli lolohlobo lombhedo luthululwe emphinjeni wakho. Udaba oluhle lwemfashini endala yombhaphathizo kaMoya oNgcwele kuzokukhipha lokho kuwe ncamashi nje njengoba. . .?. . .Kulungile. Khumbula nje ukuthi ulahlekelwe indawo ethile ndawo ndawo. Anginandaba ukuthi lowomshumayeli wesifazane. . .Wayengagcotshwanga nguNkulunkulu, ngizokutshela lokho kuqala. Kunjalo. Kuphambene neZwi.

Lalela. Akukaze kube khona kuphela owesifazane oyedwa eBhayibhelini owake wazipenda ukuba ahlangane nomuntu, futhi lowo kwakunguJezebeli. UNkulunkulu wamphakela izinja.

162 Ngakho uma ubona owesifazane ezipende wonke. Yithi nje, "Sawubona, Nkosazana Nyama-yenja." Yilokho uNkulunkulu akwenza ngaye, inyama yenja endala nje. Ngakho-ke ungakunaki lokho; lokho okukadeveli; kunjalo. Lapho afanele abe khona: hlanza futhi wenze uziphathise okwe. . .Njengoba uJakobe asho kumkakhe nendodakazi: "Zenze ube yilokho obufanele ube yikho." Amen.

163 Esikudingayo kulobubusuku, enhle eyimfashini endala, imvuselelo kaMoya oNgcwele, eyashunyayelwa emuva ngamandla kaNkulunkulu angena aphume phakathi kwebandla, nesitashi nokhololo kubekwe phansi. Haleluya! Yebo, mnumzane. Yilokho esikudingayo. Yebo, mnumzane, kulungile.

164 U-Shamgari omdala ezansi lapho, cishe ngesikhathi esakhe okuthile, khona-ke into ethize efana naleyo yayifanele yenzeke. Yileyondlela ibandla, uma imvuselelo isiqala, khona-ke into ethize efana naleyo izofanele iphakame. Mfowethu, vele ushumayele eyimfashini endala. . .

165 Awu, sasivame ukuba nenqwaba yezimvu ezweni lakithi. Futhi babenenja ebulala izimvu; sayibamba novolo emazinyweni ayo, sathatha isibhamu esidala esiyingebe, esinemibhobho emibili, sasiphendulela kuyo. Mfowethu leyo yinto ofanele uyiphendulele kulolohlobo lwababafo isibhamu esidala esiyingebe, imibhobho yaso yomibili. Ngiyakutshela, kuzoqondisa izinto. Impela kuzokwenza; kuzomisa ukubulawa kwezimvu

zakho. Amen. Bengingazi ukuthi bengizosho lokho, kodwa ungakukhumbula nje lokho. Kulungile, cabanga ngakho.

166 He, futhi lapho, cishe ngesikhathi efaka ukolo wakhe nakho konke, nakhu kuza amaFilisti akhuluphele amadala, phezulu futhi akususa kuye. Khona lapho phezulu emgwaqeni, akususa kuye.

167 Ngolunye usuku, wathola nje isivuno sakhe sonke sibekwe ngaphakathi futhi sibhuliwe sonke. Wayelapho-ke, umfo omncane ompofu; wema phansi lapho enqolobaneni, wayeqalaza. Wathi, "Awu, mama, mhlasimbe sizo . . . singaphila kulobubusika, thina kanye nezinganyana." Eqalaza.

168 Futhi into yokuqala niyazi kwenzeka ukuthi ezwe okuthile kukhuphuka ngomgwaqo, "Qhwaba, qhwaba, qhwaba, qhwaba." Nakhu kufika amadoda angamakhulu ayisithupha ehlomile, egqoke izigqoko zethusi ezinkulu ezindala, izicathulo zawo zensimbi ezinkulu ezindala, imikhonto yawo esandleni sawo, izinkemba zawo ezinkulu zilenga eceleni kwawo, ekhuphuka ngomgwaqo, asuse isivuno sakhe kuye.

169 Sengiyambona uShamgari omncane ethi, "O, he. Buka lapho. Nakhu kubuya futhi." Wabuka ngale umkakhe omncane ompofu. Wayelapho-ke, izindololwane zengubo yakhe zibhobokile. Nampo abantwana abancane, bebukeka bezacile ngempela ngoba babengenalutho lokudla. AmaFilisti ayekuthathile.

170 Lokho kuthi akufane nokubukeka kwamanye amaKristu kulobubusuku. Into ebukeka ibhashile ukuba ibizwe ngekholwa, umKristu ozelwe ngokusha. Amen. Kungekho ukukholwa okwanele ukufaka ichashazi u *i* uma bekungu-inki. Kulungile. O, he.

171 Ungavumeli udeveli eze futhi akhiphe inkazimulo kaNkulunkulu ebandleni, athumele umelusi wakho futhi amvumele athole zonke lezi lapha ama-D.D. futhi abuye, futhi asukume futhi athi "amen" njengenkonyane efayo. Okudingayo imfashini endala, ihlathi elinezingodo eziningi elikude, isibhakabhaka esiluhlaza, inkolo ebulala isono yomshumayeli, ozoshumayela iqiniso futhi ame kulokho uNkulunkulu akusho ukuthi kuyiqiniso, futhi akhulule abantu. Amen.

172 Angideleli. Angiqondile ukuba njalo, kodwa mfowethu sekuyisikhathi sokuthi silethe . . . senze okumnyama, "mnyama," nokumhlophe, "mhlophe." Yebo, mnumzane. Uzongenisa uNkulunkulu ekamu lakho, futhi uyokuzwa ukumemeza futhi ekamu leNkosi, lapho ulungisa into. Amen.

173 Manje, qaphelani. Futhi nangu uShamgari omdadlana emile, ebuka ngefasitela, nakhu kuza lamaFilisti. Wathi, "O, mama, buka lapho."

174 Intombazane yakhe encanyana ikhala. Ngiyambona ebeka izandla phansi, ethi, "Babayi, angeke sibe nalutho okukudla

kulobubusika." Futhi-ke ngiqaphela umama, futhi nango qala ukukhala.

175 Uyazi, uShamgari waqalaza. Wayengazi ukuthi enzeni. Waqalaza. Wathi, "Angikwazi ukulwa. Angisona isilwi, futhi a—anginaso isikhathi sokuphuma, futhi ngifunde indlela yokulwa kwababili, futhi ngithathe konke lokhu kuzivocavoca nezinto. A—anginaso isikhathi sokwenza lokho."

176 Kodwa kwenzeka ukuthi abuke, ohlezi ekhoneni, nakho kumi ucijo lokulima oludala lwenkabi. Uyazi ukuthi ucijo lokulima lwenkabi luyini na? Yinduku enkulu endala egcina ngethusi kuyo ukuze uqongqothe i. . . ukudusha izinkomo zedlule isango ngayo, ngento eyodwa, bese-ke eqongqotha ukugcola kusuke egejeni ngesikhathi babelima ngalo. Ucijo oludala lokulima lwenkabi lulele lapho, leyo kwakuyiyonanto kuphela ayengayibeka esandleni sakhe. Kodwa uyazi ukuthini? Angisho ukuthi wathukuthela, kodwa intukuthelo yakhe elungileyo yavuka. Yebo, mnumzane. Mfowethu, ngizokutshela ukuthi udro-. . .

"Yini esesandleni sakho na?"

177 "Lutho ngaphandle kocijo lokulima lwenkabi." Futhi wathi, "Angisiso isilwi. A—angikwazi ukwenza lokhu. A—anginakho ukuqeqeshwa." Kodwa wayengenaso isikhathi sokwenza noma yikuphi ukuqeqeshwa. Into kuphela ayeyidinga kwakunguMoya kaNkulunkulu phezu kwakhe. Wagxumela kulelofasitela noMoya kaNkulunkulu uphezu kwakhe, futhi wathatha lolo cijo lokulima lwenkabi wabulala amaFilisti angamakhulu ayisithupha. Amen.

178 Esikudingayo namhlanje, akusikho ukuthi hamba uye ekolishi lezenkolo futhi sifunde ukuthi uMarku 16 uqinisile noma qha. Mfowethu, abantu bayafa. Into okumele siyenze wukuphuma manje. Akusikho ukuthi nizolwa ngababili noma qha; kungukuthi phakama. Yebo, mnumzane.

179 Wayazi ukuthi wayengumFilisti. Wayazi ukuthi labo kwakungamaFilisti angasokile. Ngokuqiniseke ngempela njengoba ngikwazi lokho kugula, inqobo nje uma wazi ukuthi unenkathazo yenhliziyo, noma ngabe inkathazo yakho iyini, siyazi ukuthi ingekadeveli. Futhi wazi ukuthi wayengumIsrayeli. Wayazi ukuthi wayesokile. Wayazi ukuthi wayenelungelo esethembisweni. Wazi ukuthi uNkulunkulu wayezothembisa ukumbusisa. Ngakho wathukuthela ngakho konke ngakho, wase ecosha ucijo lokulima lwenkabi, futhi wasebenza.

180 Esikudingayo kulobubusuku, ukukholwa, mfowethu, ukuthi ungumntwana kaNkulunkulu, futhi unelungelo kukho, nesithembiso singesakho. Noma yini esesandleni sakho, kucoshe, uye ekubulaleni udeveli kusuka ohlangothini olulodwa kuye

kolunye. Amen. Futhi uzothola ukuthi izimpaphe zizondiza, udeveli uzokwehlulwa, futhi uzoza ngaphambili uphelele futhi.

181 Yini leyo esesandleni sakho na? Wena uthi, "Mfowethu Branham, anginalutho esandleni sami." Ungahle ube nekhadi lomkhuleko. Qathaza into emhlabathini, futhi uvuke eGameni likaJesu Kristu, futhi uthi, "Ngithatha uKristu njengoMphulukisi wami kulobubusuku." Haleluya!

182 Ungahle ube nekhathekhizimu elincane linamathele engalweni yakho, futhi ufuna ukungihlola ukuthi ngabe ngiqinisile noma qha. Lahla into, futhi uvuke eGameni likaJesu Kristu, futhi ubhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, futhi uphumele ngaphambili ekamu. Amen. Yebo, mnumzane. Ungahle ube nesigejane sezivumokholo ezincane ofanele uziphindaphinde ekuseni ngaphambi kokuba uye esontweni, futhi uzifunde, ukuze uzozisho. Lahla into futhi uthole ukugcwaliswa kwenhliziyo ngoMoya oNgcwele. Amen. Qathaza into futhi uthathe lokho okusesandleni sakho. Noma ngabe yini esesandleni sakho, ithathe, futhi wenze okwedlula konke ongakwenza ngakho ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen. Bakithi. Bengi. . . Nakhu, o, ihora leshumi nqo cishe impela. Masikhuleke.

183 Baba wethu waseZulwini, akukho okuningi esandleni sethu; kodwa Nkulunkulu akusikho lokho okusesandleni sethu, yilokho Ongakubeka esandleni sethu. O Nkulunkulu, sidinga ukukholwa kulobubusuku. Thatha lomlayezo omncane kulobubusuku, Nkosi, futhi uwufake enhliziyweni yalo lonke ikholwa, futhi mabazi ukuthi kungakhathaleki ukuthi umuntu ubuthakathaka kanjani, basenoKristu eduze. Futhi ngicela ukuthi Uzopha lezizibusiso, usindise abalahlekile, ugcwalise ngoMoya oNgcwele labo abangaphandle kukaKristu, futhi uthole udumo enkonzweni. EGameni likaJesu, ngiyakucela.

184 Amakhanda enu ekhotheme, angazi ngenkathi sisenza lokhu kubizela e-altare umzuzwana nje. . . Ngiyazi ukuthi lokhu kuyimfashini endala, okumahhadlahhadla, okukhuhlisisile, ukushumayela okuqonde ngqo, izihlahla amasassafras njengoba kungaba njalo, kodwa mfowethu uyakudinga ngesinye isikhathi. Kunjalo. Uyakudinga.

185 Manje, angazi uma kukhona noma ubani lapha kulobubusuku, ongenayo indaba ethize edabukisayo ukuba akhale futhi aqhubeke. . . Lalela. Kuzoba nabantu abaningi abakhohliswayo kulokho kunanoma yini engazi ngayo. Angiyi eZulwini ngoba umama wami waya lapho. Ngiyahamba ngoba uJesu Kristu wafa ukuze ngiye lapho. Ngifuna ukubona umama wami, impela. Kodwa ngifanele ngize kuKristu, hhayi ngoba umama wahamba, kodwa ngoba ngiza njengesoni, ngivuma isono sami, ngemukela indlela ehlinzekiwe kaNkulunkulu. Kunjalo.

186 Manje, ingabe wena, kulobubusuku, uthi, "Ngiyisoni, mshumayeli, futhi ngifuna ungikhumbule emkhulekweni. Ngiphakamisa isandla sami kuwe ukucela ukuthi uzongikhumbula emkhulekweni njengesoni"? Ningaziphakamisa izandla zenu, noma kuphi ezethamelini na? UNkulunkulu anibusise nxazonke. He, he, he. Phezulu le endingilizini ezungeze uvulandi osesitezi, ukhona noma yikuphi phakathi lapho na? Yebo, ngiyazibona izandla zenu. Yonke indlela ngokuzungeza, uNkulunkulu uyazibona futhi. Impela Uyazibona.

187 Masinyane emva kwenkonzo, ngifuna nehlele lapha futhi nenze ukuvuma, ninikele inhliziyo yenu kuKristu, futhi nikhonze iNkosi ngayo yonke inhliziyo yenu.

188 Baba waseZulwini, njengoba ubusuku bukhula buqhubeka, abantwana abancane abagulayo behlezi bezungezile. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi umusa waKho uzochithwa usabalale ezinhliziyweni zethu khona manje. Kwangathi lendikimba encane yokuthi *Yini Lokhu Okusesandleni Sakho na?* . . . KuMose, akukho lutho ngaphandle kwenduku eyomile; kuDavide, akukho lutho ngaphandle kwezintambo ezimbili ezincane ezinocezu lwesikhumba kuyo, indwayimane; kuSamsoni, lutho ngaphandle kwethambo elomile lomhlathi womnyuzi (O Nkulunkulu!); UShamgari, hhayi e-. . . lutho ngaphandle kocijo lokulima lwenkabi esandleni sakhe, udondolo olunophisi lwethusi ekugcineni kwalo, futhi wabulala amaFilisti angamakhulu ayisithupha, hhayi iqhawe, hhayi isilwi, kodwa indoda esesivumelwaneni.

189 O Baba waseZulwini, ungeke yini Wena kulobubusuku, Nkosi, uthathe ngamunye esandleni saKho na? Siphe khona, Nkosi, futhi uvule ukukholwa enhliziyweni yabo, futhi kwangathi uMoya waKho oNgcwele ungenza ngokwedlulele kakhulu kulobubusuku, Nkosi, njengoba belindile.

190 Izolo ebusuku, ngijabula kakhulu ukukubona Wenza izimpumputhe zibone, nezithulu zizwe, nezoni ukuba zize kuWe. Futhi O Nkulunkulu, zonke lezizinto ezinkulu Ozenzile, abakhubazekile ukuba basombuluke futhi baphume kulezozihlalo, futhi bahambe bazungeze eGameni leNkosi.

191 O Nkosi Nkulunkulu, umkhulu Wena. Futhi siyaKubonga ngakho, futhi siyakhuleka ukuthi Uzosindisa wonke umuntu kulobubusuku abaphakamise izandla zabo. Kwangathi bangelokothe balahleke, kodwa kwangathi lobu kungaba ubusuku ukuthi abazoKwemukela. Ngokoqobo abayikhulu noma amabili baphakamise izandla zabo, futhi ngikhulekela ukuthi Uzosindisa bonke ngenxa kaJesu. Ngokuba kuseGameni laKhe siyakucela. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

192 . . . Bathumela amaBhayibheli ayisigidi ezansi kulamaJuda. Bayangena nje bevela ezansi e-Iran lapho, e-Iran, e-Iraq,

naphansi emazweni lapho. Kufundeni, fundani kulawo maphephabhuku ukuthi kanjani i . . . kwangenisa izigidi zamaJuda. Sibe nesikhathi sokungena entweni yesiprofetho . . . NalawomaJuda ebuya, nginesithombe sawo engena phakathi lapho, lapho okwakuthatha, ephuma emikhunjini, ehla ezindizeni, ethwele izinyonga zawo, nezishosha zawo, nezimpumputhe zawo.

193 Ngakho akhuphukela kubo. Indoda eyathatha lesisithombe. UMfowethu Arganbright nabanye, okulindelekile lapha emhlanganweni, uwabuzile, wathi, "Nibuyela ini nonke na?"

"Yizwe lendabuko."

Wathi, "Ukuze nibe nendawo engeyenu uqobo, ukuze nifele ezweni lendabuko."

Bathi, "Qhabo. Siyabuya ukuzobona uMesiya."

194 O, nina bafundisi abaprofethayo, ukube kuphela benazi ukuthi lokho bekuyini. Lapho leliVangeli like laphenduka lasuka koweZizwe laya eJudeni, oweZizwe usephelile. Yisikhathi sokuphela.

195 Ngakho bawanikeza amaBhayibheli. Bathumela isigidi phakathi lapho. LawomaJuda aqala ukufunda lawo matestamente. Alifunda eliphindaphinda. Awazange azi ukuthi uJesu wayelapha. Awakaze ezwe lutho ngakho, kade esezansi lapho kusukela ekuhlulekeni ukuzibamba kweBabiloni, ekuthunjweni. Futhi athi, "Uma loJesu, enimbizayo, enguMesiya, asiMbone enza isibonakaliso somprofethi, njengoba Enza lapha kuleliBhayibheli, futhi sizoMemukela. Sonke sizoMemukela, uma Ezofika futhi enze isibonakaliso somprofethi. SizoMemukela."

Mfowethu, O, he. Bengisemamayeleni angamakhulu athi awabe mabili akho emavikini ambalwa edlule, kodwa uMoya oNgcwele wangicindezela, "Hhayi nje okwamanje."

196 O, ngingathanda kanjani ukukhulisa izigidi ezimbalwa zawo, futhi ngithi, "Ngiphonsa inselele kulokho eGameni leNkosi uJesu, uma Engayikusenza isibonakaliso somprofethi: bangaki kini lapha kulezizinkundla ezifanayo abazoMemukela njengoMsindisi womuntu siqu na?" Bese kuthi-ke lapho enza lokho, ngiyothi, "Lezizinkundla ezifanayo khona lapha yilapho obaba benu bokuqala bemukela khona umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nezibonakaliso ezifanayo uJesu azenzile zizophinda futhi ncamashi njengoba nikufundile eBhayibhelini."

Abafuni ukuba nakho . . . UNkulunkulu wabo unguNkulunkulu onamandla. UNkulunkulu wabo akafi. Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi bayakukholwa.

197 Qaphelani. Ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, akazange azisho ukuthi ungumphulukisi. Abantu abaningi beza kuYe abangazange bathole ukuphulukiswa. Izikhathi

eziningi mhlawumbe Wayeyiswa kwabafileyo. Ngiyacabanga ukuthi kunezinkulungwane ezifayo ngenkathi Wayelapha emhlabeni. Akazange avuse ngaphandle kwabathathu; lokho kuyisiqinisekiso. Wadabula echibini laseBethesda, lapho abantu babelele beyizinyonga, isishosha, izimpumputhe, nabashwabeneyo, akazange aphulukise namunye wabo, waya ngale endodeni elele ohlakeni futhi wayiphulukisa, wasuka wahamba wabashiya bonke abanye babo belele lapho.

198 INdoda egcwele amandla, egcwele ukukholwa, uNkulunkulu uqobo lwaKhe, u-Emanuweli, lapha emhlabeni, akhe phakathi kwethu, Wathi, "Angenzi lutho ngokwaMi." Ngenkathi beMbuza kuJohane oNgcwele 5:19, Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, ngaphandle kwalokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza ngokunjalo." Manje, landelani ukuPhila kwaKhe eBhayibhelini, futhi nithole ukuthi kwakungesikho ngaso sonke isikhathi lokho uBaba ayeMbonisa khona. UJesu wathi, "AkuMina owenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlala kiMi, Yena wenza imisebenzi."

199 Ngenkathi uFiliphu esephendukile, wahamba futhi wathola uNathanayeli, wambuyisa, kwenzekani na? Wathi, "Woza, ubone ukuthi sinoBani . . . Engimtholile, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

Wathi, "Ingabe kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?"

200 Ngenkathi efika ezobona uJesu, wenyuka emgqeni cishe njengalaphaya. UJesu wambuka. Angahle ukuthi ubesemgqeni womkhuleko, ngakho konke engikwaziyo. Kodwa ufika lapho uJesu ayekhona, ekhulekela abagulayo. Wathi kuye, lapho eMbuka, uJesu wavele wambheka, wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye."

O, wathi, "Ungaze kanjani, Rabi na?" Kwammangalisa.

"Ngani," Wathi, "ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona."

Wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli."

201 Wenyuka wadabula ngendlela yaseSamariya. Wayeya eJeriko, kodwa wenyuka wazungeza iSamariya, phezulu le ngale kwegquma. Wahlala phansi, wamukisa abafundi baKhe. Owesifazane waseSamariya uyaphuma. Wambona lapho ekha amanzi. UBaba wayeMtshele ukuba akhuphukele lapho. AkaMtshelanga ukuthi kwakuzokwenzekani, nje, "Khuphukela lapho."

Ngakho Wathola owesifazane phezulu lapho, Wayesethi, "Ngiphuzise."

Wathi, "Akusilo isiko ukuba amaJuda acele umSamariya okunjalo. Asinabudlelwane."

202 Wathi, "Kodwa ukuba ubuwazi ukuthi uBani okhuluma naYe, ubuyocela kiMi amanzi." Wenzani na? Waqhubeka nengxoxo, waze Wawubamba umoya wakhe; khona-ke lapho Esewubambile umoya wakhe, ukuthi yini eyayingalungile ngaye, wathi, "Hamba, ulande indoda yakho."

Wathi, "Anginayo."

Wathi, "Usho kahle. Ngokuba ubunayisihlanu, nalena onayo manje akuyona eyakho."

Wathi, "Ngiyabona ukuthi ungumProfethi Wena." Wathi, "Manje, ngiyazi lapho uMesiya efika, Uzokwenza lezizinto, kodwa Wena unguBani na?"

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

Futhi wagijimela emzini, wathi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele konke engake ngakwenza. Ingabe akuyena uMesiya lona na?"

203 Manje, uma lowoJesu enguJesu ofanayo namhlanje, Ubengenza into efanayo namhlanje, futhi njengoba uNkulunkulu embula, Angenza into efanayo. Ngabe kunjalo na?

204 Manje, buka lapha izolo ebusuku. Bekukhona abesilisa nabesifazane behlezi lapha ezansi kuloluhlu, lapha, abakhubazekile, behlezi ezihlalweni ezinamasondo. Kulobubusuku baphandle lapho ebandleni, noma ngabe bakuphi, behambahamba. Ngani na? UJesu Kristu.

205 Bekukhona abeselisa, abesifazane abeza emsamo, isono empilweni yabo. UMoya oNgcwele wehla ngqo, wabatshela nje ukuthi bekuyini nokuthi yini okufanele bayenze. Baphulukisiwe, bemi khona lapho emsamo, banikela izinhliziyo zabo kuKristu. Uma lowo kungeyena uJesu Kristu weBhayibheli, angilazi iBhayibheli.

206 Kuthiwani ngakho befundisi na? Ngabe lokho kuzwakala njengoKristu weBhayibheli na? Manje, akusiye umuntu; nguKristu. Manje, uma Ezobuya kulobubusuku lapha, futhi aveze into efanayo Ayenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni, nizoMemukela nonke-ke njengoMsindisi, njengoMphulukisi, futhi niMkholwe ngenhliziyo yenu yonke na? Uma nizokwenza, ningaziphakamisa izandla zenu na? UNkulunkulu anibusise.

207 Baba wethu waseZulwini, manje yikho, yilokhu kuphela engikwaziyo ukukwenza. Okunye kukuWe, Msindisi wami othandekayo, futhi ngikhulekela ukuthi Uzosipha izibusiso, ngeGama likaJesu. Amen.

208 Manje, sithathe wonke amakhadi omkhuleko izolo ebusuku. Ngikholwa ukuthi bakhiphe amanye amasha namuhla. Uma umfana . . . Ngiyabona ube lapha esikhashaneni esedlule. Futhi bekuyini . . . ? O-O? Kulungile, asiqale futhi sibashayise umugqa abanye babo, khona-ke.

209 Ubani onowokuqala na? O, buka ikhadi lakho lomkhuleko futhi uzolithola, uma ukhona, ungeza ngapha. Ileli nenekazi lapha...? Kulungile, yebo, khuphuka nje, nenekazi, khona lapha. Kuthi ukuba nzima kancane. Mhlawumpe ngizodingeka ngibize oyedwa noma ababili nje.

210 Ubani ono-O, wesibili na? Ungasiphakamisa isandla sakho, noma ngabe ubani onowesibili na? Inenekazi emuva lapho, ungeza, nenekazi, uma uthanda na? Ubani ono-O, wesithathu na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Noma ngabe ubani ono-O, owesithathu, ungasiphakamisa isandla sakho na? Emuva lapha, mnumzane? Uxolo. Kulungile, ungakhuphukela lapho na? Owesibili nowesithathu, manje owesine. Ubani ono-O, owesine na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Wena, mnumzane na? Ungehlela lapha na? Kulungile.

211 Owesihlanu. Ubani ono-O, wesihlanu na? Unawo, nenekazi na? Ungehlela lapha na? Owesithupha, ubani onowesithupha na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Owesithupha na? Abanye benu, mngenisi, woza lapha futhi wa-..., noma bamba laba lapha kulezizihlalo. [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Noma yini. Ngiyaxolisa.) Kulungile, lokho kulungile. Kulungile, inombolo... Bengiyini...? Owesihlanu na? Ubani...Owesithupha? Ubani onowesikhombisa na? Ikhadi lomkhuleko lesikhombisa, ungasiphakamisa isandla sakho khona...? Elesikhombisa, inenekazi lapho. Elesishiyagalombili, ungasiphakamisa isandla sakho, ngokushesha na? Elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, ungasiphakamisa isandla sakho khona manje na? Elesishiyagalolunye? Kulungile, eleshumi? Futhi...

212 Manje, njengoba beshaya umugqa. Manje, bangaki kulezizethameli, ndawo zonke manje, ngifuna ukunibuza. Manje, lokhu okuyimfashini endala, ukushumayela kwasesihlahleni isassafras kungaba mahhadlahhadla njengoba kungabanjalo, kodwa, mfowethu, yilokho kuphela engikwaziyo. Yilokho okwangisindisa. Futhi yilokho kuphela engikwaziyo. Ngi...Konke engikwaziyo, angifuni ukunicasula, kodwa impela ngingamane nginicasule kancane manje, ukuze ngikulungise noNkulunkulu; futhi uyazi ukuthi ngifanele ngime lapho ngaloloSuku, futhi ukhombe umunwe wakho ebusweni bami, futhi uthi, "Kungani ungangitshelanga iqiniso na?" Niyabo? Ngincamela ukukulungisa manje, ubungeke yini, konke kuxazululwe na?

213 Manje, bangaki lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko futhi ofuna ukukhulekelwa na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Phakamisa nje isandla sakho, awunalo ikhadi lomkhuleko, kodwa nokho uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa. Kwangathi iNkosi uJesu ngomusa waYo ingakubusisa njalo. Kulungile.

214 Manje, uma sizoba nenhlonipho yokuzithoba imizuzwana embalwa, asibone uma besemgqeni . . . Wena . . . awu, ukuthi, sicishe sibebaningi njengoba ungangena kulowomugqa, ngiyacabanga. Kulungile, sizokhulekela abambalwa khona lapha manje, bese-ke . . . Sizolinda nje ka—kancanyana ukubona nomaphi lapho . . . owethu oyigugu, uBaba waseZulwini ezohola. Manje, ngifuna nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu.

215 Ngibona indoda isivele ifikile, ngabe intombazane yakho leyo na? Ngabe yiyo na? Indoda inokukholwa okukhulu kakhulu, inentombazane encane enovendle ehlezi lapha. Ngenkathi lomugqa womkhuleko uqala ukuqala, iyasondela futhi ikhumula insimbi enkulu nesicathulo kumntwana wayo. Yileyondlela. Yileyondlela. M-mm, futhi lokho u—lokho ukukholwa. Yileyondlela yokukukholwa. UMsindisi wethu onothando wazi zonke izinto, angenza zonke izinto.

216 Manje, ngakulomugqa womkhuleko lapha, abambalwa nje, futhi mhlawumbe singamisa abanye abambalwa, ngomzuzwana. Ngifuna ukunibuza ngalapho. Ngabe nonke niyizihambi kimi emgqeni womkhuleko na? Uma niyizo, phakamisani izandla zenu; nonke nina zihambi. Ngabe nonke niyizihambi laphaya na? Phakamisani izandla zenu, yonke indawo phakathi e . . . Ngabe . . . ? Zonke izihambi. Khona-ke angikwazi. Angazi lutho ngawe, kodwa ngifuna ukukubuza okuthize. Kwenze nje lokhu nje eBhayibhelini.

217 Manje, ukuba-ke uJesu ubemi lapha, egqoke lesudi Anginika yona na? Manje, ukube—ukube Ubemi lapha na? Ubeyokwenzani ngalesisimo kulobubusuku na? Kuthiwani uma—uma othile laphaya ubengafika besethi, "Jesu Uzongiphilisa na?" Uyazi ukuthi Ubengathini kuwe na?

218 Ubengathi, "Sengivele ngikwenzile. Awukukholwa na?" Kunjalo na? Lokho Akwenza eKalvari, Angeke esakwenza. Niyabo? Wa—Wakuphilisa eKalvari. Wakusindisa eKalvari.

219 Manje, wena uthi, "Ngasindiswa eminyakeni emibili edlule, Mfowethu Branham." Awu, awusindiswanga kwemibili . . . Wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule. Wakwemukela eminyakeni emibili edlule.

220 UJesu wakhokhela izono zakho ngenkathi efa eKalvari. Wakhokhela ukugula kwakho ngenkathi Efa eKalvari. Ngakho-ke, uma uNkulunkulu, ngomusa waKhe, enza lokho, into kuphela Angayenza manje, bekunga baphakathi kokuthi, acoshe iBhayibheli, ashumayele iZwi. Noma, Angahle akwazi ukukhuluma ngolwimi obelungahunyushwa ngomunye umuntu futhi atshele othile okuthile okufanele akwenze. Noma, Yena eyiNkosana yabaprofethi, Ubengakwenza, mhlasimpe, ame lapha njengoba Enza ngesikhathi seBhayibheli, nokukholwa kwakho bekungeza futhi kuMthinte aze amandla aphume kuYe,

futhi Waphenduka, wathi, "Ubani Ongithintile na?" Futhi Ubengaqalaza futhi akutshele ncamashi okwenzekile. Ngabe kunjalo na? Ngabe lowo nguJesu na?

221 Khona-ke uma lelinenekazi elihlezi lapha esihlalweni lingakhuphukela lapha, noJesu ubeyolazi, angilazi. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Angikaze ngilibone empilweni yami. Kodwa engizama ukukuletha kini, bangane, ukuze nihlale nikhumbula . . .

222 Manje, ngenkathi uJesu enza lezozinto, uFiliphu wathi Wayeyini na? INdodana kaNkulunkulu. Owesifazane wathi Wayeyini na? Yena impela uMesiya, ngoba Wakwenza. Kodwa amaJuda athi Wayeyini na? Athi, "Ungumbhuli. Ungudeveli. UnguBelzebule, inkosana yabo bonke ababhuli." Niyabo? Babazi ukuthi Wayazi ukuthi yini eyayingalungile ngabo. Wayezazi izinhliziyo zabo. Wayezazi izinkathazo zabo, ngoba uBaba waMbonisa lokho Ayefuna Akwazi. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Manje, lowo nguJesu kulobubusuku, ofanayo.

223 Kulungile, manje, hloniphani ngokuzithoba noma ngabe nikuphi, futhi manje lokhu kufanele kukuxazulule, kanye kube phakade.

224 Ningaliletha lelonenekazi lapha, noma nilitshele lize lapha na? Woza lapha. Mina nje . . . Manje, nenekazi, ngifuna nje ume lapho; yilokho kuphela okumele ukwenze, nje . . . Yilokho kuphela engikucela ukuba ukwenze, yima lapho nje.

225 Manje, angikwazi. Awungazi. Uvele waphakamisa isandla sakho ubungangazi, nami angikwazi. Kodwa uNkulunkulu uyasazi sobabili, dadewethu, futhi Yena, futhi Yena . . . Ngingabazile ngalokho "dade" umzuzu, niyabo, ukusho lokho, kodwa ngiyabona manje unjalo. Manje, niyabo, kuyinto yokuqala—qala engiyaziyo ukuthi ungumKristu, ngoba kuthe nje ngingabamba umoya wakho, ungene kanjalo, ukuthi ubungumKristu. Uyabo? Umoya wakho wamukelekile. Uma ulokhu uqhubeka uba mnyama futhi ube ufiphale, bengizokwazi ukuthi ubungesiye; uyabo, futhi ngakho-ke, bengingeke ngikubize ngodadewethu. Ngakho-ke, kodwa ungumKristu. Manje, lokho okungako . . .

Manje lokho yi—manje yilokho uFiliphu akusho kuNathanayeli.

Ngenkathi ekhuphukile, Wathi, "Bheka umIsrayeli, noma ikholwa, okungekho nkohliso kulo."

226 Wathi, "Waze kanjani ukuthi bengingumIsrayeli, ikholwa leqiniso na?" Niyabo? Lowo ngumoya ofanayo. Lowo wesifazane wayengaba yisoni esikhulu, kodwa ngiyazi ungumKristu. Niyabo? Ngoba into yokuqala, umoya wakhe, ngenkathi lolugcobo olulapha manje, lubambe ngokushesha. Niyabo? Ngibonile ukuthi bekungumKristu, kuKwenze wamukela. Niyabo? Ngakho yena . . . Ngiyazi ukuthi ungumKristu.

227 Manje, uma ngingamazi owesifazane, akangazi, uma uMoya oNgcwele uzomambulela ukuthi yini ayizele lapha . . . ? Manje, kusobala, lapho ngikhuluma isikhathi eside naye, kuningi oKungakusho. Niyakwazi lokho ubusuku nobusuku.

228 Kodwa uma beKungangitshela nje ukuthi yini ayizele lapha, ngabe lonke iqembu lenu belingakholwa ukuthi ngikhulume iqiniso na? Lokho bekungaba uNkulunkulu ethi kuyiqiniso. Manje, indoda ingadlula lapha futhi ikutshele noma yini emhlabeni, yenze uhlobo oluthile lobuhlanya, yenze noma yini eyifunayo, lokho . . . ingakwenza lokho, ikutshele lokho. Lokho akukwenzi kube njalo. Kodwa lapho uNkulunkulu ebuya ngapha futhi ethi lelo yiqiniso, khona-ke kungcono ukukholwe. Isizathu lokho—lokho . . . ukungakukholwa lokho yisono.

229 Ngakho ngifakazile. Manje, yisikhathi sikaNkulunkulu sokufakaza ngokuthi ngabe ngikhulume iqiniso noma qha. Kulungile, manje, ngimi lapha nje ngikhuluma nenenekazi, angikaze ngilibone empilweni yami. Kodwa inenekazi linokuzwa khona manje ukuthi Into ethize iseduze kwalo ukuthi akusiyena umfowabo lapha, umuntu. Kukhona Into ethize eduze kwalo, eliyaziyo ukuthi iyini. Futhi yileyoNgelosi khona lapho niyayibona esithombeni. Ilapha manje, ukuKhanya nje phakathi kwami nowesifazane. Yingalesosizathu kuwele phansi lapho futhi ngakuzwa kwemukelekile. Kukhanyisa kuyo yonke indlela, ungumKristu.

230 Manje, ngifuna nje ukukhuluma nawe umzuzwana nje, ngawe ngokuba yisiguli sokuqala. Futhi ngifuna wonke umuntu, noma ngabe ukuphi nokuthi yini engalungile ngawe, buka ngalendlela, futhi uthi, "Manje, Nkosi Jesu uma Wena . . . Ngiyayazi leyondoda phezulu lapho, iyindoda nje. Futhi uma—futhi uma nje Uzongivumela, ungivumele ngibe nokukholwa, futhi makuthi ukukholwa kwami kwakhiwe nje endaweni njengenenekazi belizoba . . ." Bese kuthi-ke qaphela ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani, bese kuthi-ke uyaMemukela njengoMphulukisi wakho noma njengoMsindisi wakho, noma yini oyidingayo.

Manje, ukukhuluma nawe, nenekazi. Kunabantu abaseduze impela nxazonke kulobubusuku. Ngivele ngakukhetha; imimoya evela yonke indawo.

231 Manje, mina ngiyindoda nje, khona-ke wena njengowesifazane. Kuwuhlobo olufanayo lwesithombe uJesu ekhuluma kowesifazane e—emthonjeni. Owesilisa nowesifazane futhi.

232 Manje, angikwazi futhi angikaze ngikubone, kodwa ngifanele nje ngehlukanise umoya wakho kulena eminye umoya wabantu abakhulumayo, noma, lowo okhulekayo, niyazi, ngalesisikhathi, ukukholwa kungena.

233 Kodwa masinyane. . .Manje, uma—uma izethameli zisalizwa iphimbo lami, inenekazi liyasuka kimi, futhi liyi—liyinenekazi. Lowo wesifazane, ome phambi kwami usanda kuba sesibhedlela maduze, futhi lokho kusanda kwenzeka emahoreni edlule. Usanda kukhishwa esibhedlela namhlanje, noma, kulentambama; ngelesikhombisa nqo kulobubusuku, ngenkathi ephuma esibhedlela. Unesifo segazi esingandile, esihambisana nesimo sokwethuka kwengqondo. Hamba nje endleleni yakho, dade, ukukholwa kwakho kuyakuphulukisa, uzisindisile. Amen.

234 Uyakholwa na? Yonke inhliziyo yakho manje, yiba nokukholwa; ungangabazi. Uma ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka; kodwa ufanele ukholwe. Manje, vele ube nokukholwa phandle lapho futhi uzakuba nakho okucelayo.

Inenekazi elincane lapho ejazini eliphinki linaleyonkathazo yesinye, nje . . . uphulukisiwe. UNkulunkulu akubusise.

Beka isandla sakho phezu kwenenekazi eliseduze kwakho, ngoba lihlushwa yisifo sokwethuka, nga*pha ngaleya*.

235 Baba wethu waseZulwini, ukukholwa kwakhe kuthintile. Ngibe buthakathaka. Ngikubonile ukuKhanya kwaKho kulenga phezu kwakhe. Ngibamemezela ukuthi baphilile eGameni likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

Niyabo, awulidingi ikhadi lomkhuleko. Unokukholwa; kholwa ukuthi uNkulunkulu ukhulume iqiniso. Ngokuba Akalutho ngaphandle kweQiniso; Ungumthombo walo lonke iqiniso.

Manje, hlonipha ngokuzithoba nje. Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke. Umele . . . ungaba nakho lokho o—lokho okucelayo uma nje uzokholwa.

Manje, yilokhu . . . ? Isiguli lesi na? Hhe. Angisangene, kodwa umhlaba awusoze wazi, dade, umuzwa onje okuyiwo.

236 Manje, ba . . . Thina si—asazani. Siyisihambi komunye nomunye, futhi ngingumfowenu eNkosini uJesu, futhi silapha sizama ukusizana. Uma benginga—uma bengingakusiza futhi ngingakwenzi, bengiyoba yisilwane, uma bengingakusiza. Kodwa akukho lutho kimi engingasiza ngakho, ngaphandle kokuthi uNkulunkulu angazise ukuthi ngenzeni. Ngakho uma Ezongembulela ukuthi kungani umi lapha, uzokwamukela, khona-ke, njengeqiniso uma kungokwezimali noma ngabe kuyini? Uzokholwa ukuthi uNkulunkulu ukhathalele udaba lwakho futhi uzozwa na? Uzokwenza na?

237 Sengathi iNkosi ingapha, ngumkhuleko wami, njengoba ungibuka. Hhayi, uyazi njengoba uPetru noJohane bedlula esangweni elithiwa Elihle bathi, "Sibheke. Uyabo? Sibheke." Hhayi ukubabheka njengaYe, kodwa ukunaka lokho abakushoyo, ukubamba ukuheha kukaMoya.

238 Ngiyabona ukuthi ube nenkathazo ngesimo samehlo, futhi ngibona udokotela osihlolayo. Futhi uthintene nenye indoda, futhi leyondoda, abazi ukuthi yini engalungile emehlweni akho. Abakwazi ukusho. Abakwazi ukubeka isandla sabo kukho, ukuthi kuyini. Bese kuthi-ke, ngiyababona bekunikeza uhlobo oluthile lwento ethize ezansi esiswini lapha, noma okuthize, yisisu esilengayo. Unesisu esilengayo. Odokotela sebekudelile mayelana nalezo. Futhi awuveli—awuveli kulelidolobha. Uvela enhla nomgwaqo nga*le*ndlela: I-Atlanta. Futhi udokotela wathi, "Nkosazana Trudy," noma into efana naleyo, ukubizile. Kunjalo. Buyela ekhaya manje futhi uphile. Ukukholwa kwakho kuyakuphilisa. UNkulunkulu akubusise. Yiba nokukholwa.

239 Ungubaba womtwana na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi, kodwa kholwa, uma ungakholwa . . . Manje, khumbulani, lokhu akumina. Kuzweni; akunjalo. Manje, isimo sakho sengqondo ngakukho . . . Kubize ngalokho ofisa ukukusho; lokho kuzonquma ukuthi utholani kukho. Kuya ngokuthi ubhekana kanjani nakho.

240 Owesifazane wathinta ingubo yaKhe; wayenamandla afika kuye. Umuntu owaMmukula ebusweni, futhi waMshaya ngomhlanga, wayesethi, "Profetha usho ukuthi ubani okushayile ngubani," kwakungekho-mandla kulokho.

241 Nenekazi elincane, elihlezi khona emuva lapho, uhlushwa yinkathazo yekhanda, awunjalo, nenekazi na? Uhlezi futhi ungibuka khona lapho, uyakholwa ukuthi uJe- . . . ? Yebo, mem, uyakholwa ukuthi uJesu uzokuphulukisa na? Ukuphulukisile khona lapho. Eyakho . . . wahlushwa yilokho isikhathi eside, nenekazi. Sekusukile kuwe manje. Ukukholwa kwakho kukusindisile. Makabongwe uNkulunkulu ophilayo. O, siMthanda kanjani. Ufanele uMthande kanjani.

242 Ngenkathi uMoya oNgcwele usahamba lapho, kukhona indoda ehlezi ngqo ngemva kwakho, ehlezi lapho enesifo samathambo. Uyakholwa, mnumzane, ukuthi iNkosi uJesu uzokusindisa na? Uyakukholwa na? Yebo, mnumzane, uyakholwa na? Kulungile, mnumzane. Ungaba nakho ukuphulukiswa kwakho-ke. UNkulunkulu akubusise. Ukuthi ukukwethusa, akuzange na?

243 Inenekazi elihlezi khona emuva lapho, liphakamise isandla salo, likhuleka, linenkathazo yesinye. Lifuna ukuphulukiswa nalo, lingibuka ngqo, lihlezi emuva ngqo ngemuva. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, emuva lapho, nenekazi na? Kulungile, uma ukukholwa, ungaba nakho ukuphulukiswa kwakho. Amen. AKamangalisi yini na?

244 Nenekazi, elihlezi emuva lapha, emuva ngqo ukudabula lapha, liyangibuka ngqo. Ngibona ukuKhanya kulenga phezu kwalo. Alinalo ikhadi lomkhuleko, kodwa lihlushwa yinkathazo yenhliziyo nesifo samathambo. Lokho kuKhanya kuhambe

kwasuka ngqo kulendoda kwaya kulo, kwadabula lapha ngqo. Futhi manje, dade, uma ufuna ukukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ugqoke izibuko, ufuna ukukholwa, ungaphulukiswa. UJesu Kristu uzokuphilisa. UNkulunkulu akubusise. Kulungile, lokho kuyakuxazulula. Mm. Amen. E-hhe. O, kumangalisa kanjani. Uyakholwa na?

245 Manje, lapha, kubukeka sengathi beningakubona lokho, bangane abangamaKristu. Niyakubona lokho kuKhanya okuzungezayo na? Umi khona lapha. Kuza ngqo phezu kwaleyo la-. . . kuhlezi khona lapho, lapho, unemithambo eyimiqhansa, uhlezi khona lapho. Uyakholwa ukuthi uJesu uzokuphilisa ngaleyomithambo, phulukise na? Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uma ukholwa, ungaba nakho ukuphulukiswa kwakho. UNkulunkulu akubusise.

246 Uxolo, mnumzane. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Wena—wena uza nengane yakho, inganyana enomoya omuhle kakhulu. Angikwazi. Uyakwazi lokho. Ngiyisihambi ngokuphelele kuwe. Angikaze ngikubone, ngiyacabanga, empilweni yami, mnumzane. Siyisihambi ngokuphelele omunye komunye, kodwa uNkulunkulu uyasazi sobabili, aKasazi, mnumzane na? Unengane yakho encane, futhi ngiyayibona leyongane iphuma ukuyohlolwa. Futhi udokotela uthi alikho ithemba ngayo. Leyo ngane ihlushwa umdlavuza egazini, okuthiwa "ilukhemiya umdlavuza wegazi." Kulungile. Alikho ithemba emhlabeni ngayo.

247 Futhi mfowethu, uyise waleyongane, udinga iNkosi uJesu Kristu njengoMsindisi wakho, awumdingi na? Uyisoni. UzoMemukela manje njengoMsindisi wakho na? Wena . . . Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkosi, ngiyaKwemukela"? Manje, beka isandla sakho ngqo phezu kwengane yakho.

248 Nkulunkulu uSomandla, eGameni likaJesu Kristu, manje ngiyamkhuza lodeveli obulala lengane. Kwangathi ukuxolelwa nomusa kungafika kulobaba, futhi kwangathi bangahamba, futhi baphile, futhi babe ndawonye ngentokozo, eGameni likaJesu. Amen. UNkulunkulu akubusise. Izono zakho sezihambile. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu manje. Amen.

249 Kholwa eNkosini uJesu Kristu futhi ungasindiswa. Uyakholwa na?

250 Ucabangani, mnumzane na? Uyangikholwa njengenceku kaNkulunkulu na? Inkathazo yakho isemhlane wakho, yisimo somgogodla. Kunjalo, akunjalo na? Unamathemba kulobubusuku ukuthi ungasindiswa, futhi enye into, unomkhuba ofuna ukukhululwa kuwo, akunjalo na? ukubhema osikilidi. Uzobayeka khona manje na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, lokhu kuyakuqeda." Endleleni yakho, nenkathazo yakho yeqolo izosinda, eGameni likaJesu.

251 Asithi, "Makabongwe uNkulunkulu." Ukufa kuseduze, kanjalo nokuphila.

Uyakholwa ukuthi uKristu angakuphulukisa kulelidemoni elibi kabi na? Uyakholwa ukuthi Uzolisusa kuwe futhi akusindise kulomdlavuza na?

Nkulunkulu uSomandla, Mqalisi wokuPhila, uMnikezeli waso sonke isipho esihle, thumela izibusiso zaKho phezu kowesifazane futhi umphulukise eGameni likaJesu, ngiyakhuleka.

Sathane, ngiyakukhuza eGameni likaJesu. Amen.

Hamba endleleni yakho uthokoza manje.

252 Umzuzwana nje. Ucabangani, mnumzane, uhlezi lapho kulesosihlalo esinamasondo na? Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi uJesu uzokusiphilisa na? Kuthe ukukushaya ngaleyonkathi, akwenzanga na? Uyaqonda ukuthi kukhona okwenzekile. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uzongilalela njengomprofethi waKhe na? Khona-ke ungakwazi ukusukuma esihlalweni sakho esinamasondo, futhi usiphushe, bese uya ekhaya. UJesu Kristu uzokuphilisa. Ungesabi; kholwa.

253 Futhi nani nonke, ngenkathi esaphuma. Ningenza into efanayo. Nango-ke, yebo, mnumzane. Niyafuna ukusukuma na? Nonke nime ngezinyawo zenu ngalesisikhathi ngqo.

Nkulunkulu Mninimandla onke, Mqalisi wokuPhila, Mnikezeli wasosonke isipho esihle, thumela uMoya waKho phezu kwalababantu, futhi ubaphulukise, bonke.

Sathane, ngiyakulahla, eGameni leNkosi uJesu Kristu phuma kulababantu.

Nonke manini ngezinyawo zenu, yonke indawo, futhi nidumise uNkulunkulu. UMoya oNgcwele . . . ? . . .

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


Voice Of God Recordings

P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.

www.branham.org